# *IZwi ElingaQondakaliyo*

. . . UngukuPhila kwethu, okwethu Konke kukho Konke. SiyaKubonga ngalokhu, elinye ithuba lokuMsingatha nokuMthanda. SiyaKubonga ngabantu baKhe, futhi lapha, kulobubusuku, bami phambi kwami, ukuthengwa kweGazi laKhe, futhi nginenhlanhla yokukhuluma nabo.

2 Ngiyakhuleka ukuthi Uzogcoba izindebe, Nkosi, ezikhulumayo, izindlebe ezizwayo, futhi kwangathi iZwi likaNkulunkulu lingawela komuhle, umhlabathi ocebile wokukholwa, kwangathi abaningi bangaphulukiswa futhi basindiswe. Ngokuba siyakucela, eGameni likaJesu. Amen.

[Udade ukhuluma ngezilimi nomfowethu uyahumusha—Umhl.]

3 Amen. Makabongwe uBaba wethu waseZulwini ngaleso sikhuthazo esinamandla ukuthi uma sizoMkholwa, yilokho esifanele sikwenze, sikholwe iZwi laKhe, nakho konke esikudingayo kuzonikezwa. "Funani kuqala uMbuso kaNkulunkulu nokulunga kwaKhe, ezinye izinto niyonezelelwa."

4 Manje, ngiyazi mhlawumbe nikhathele, mina, kulokhu ukusa sinihlalise ngale esakhiweni kwaze kwaba ngasekugamanxeni kweleshumi nanye, futhi, ngaleya ekudleni kwasekuseni. Futhi ngicabanga ukuthi uMfowethu David oyigugu ubenenkonzo kulentambama, futhi mhlawumbe nonke nigcwaliswe nge*Vangeli*, into kuphela ozofanele uyenze manje ngukuthi nje—nje uhambe ukufake emnyakazweni futhi konke kuzophela, futhi ngakho yilokho esikudingayo.

5 Manje, ngibonga ngempela, kulobubusuku, ukuba naleliqembu elihloniphekile labesilisa nabesifazane lapha emva kwami, abayizinceku zikaKristu, ukuba bangikhulekele ngenkathi ngisazama ukukhuluma nani imizuzwana embalwa. Futhi ngiyanithakasela nonke phandle phakathi lapho okhulekayo futhi. Uma uke wafuna ukungenzela okuthize, ngikhulekele nje, kunjalo.

6 Uzizwa ungcono, ndodana na? Kuzolunga manje. Bhekisisa nje, uma into ethize inga . . .

[Udade ukhuluma ngezilimi nomfowethu uyahumusha—Umhl.]

7 Amen. Makabongwe uNkulunkulu. Kumangalisa kanjani ukuhlala ezindaweni zaseZulwini kuKristu Jesu! NgaMoya munye sonke sibhaphathizwe sibe Mzimba munye, futhi sihlezi ndawonye ezindaweni zaseZulwini kuKristu Jesu. Anikuthandi lokho na? Akusikho okwaseZulwini futhi kukuhle ukuba . . .?

8 Siyaxolisa ukuthi abaningi kangaka abami phandle emahholo kanjalonjalo, ngifisa sengathi ngabe besinendawo ukuba nihlale kuyo, kodwa asinayo, kulobubusuku. Futhi, mhlawumbe, kusasa ntambama izinkonzo zizoqala ngo, ngicabanga ukuthi ngelesibili nqo. Ngabe lokho . . .? Lesithathu? Ngelesithathu nqo, kusasa ntambama, ngiyaxolisa. Ngelesithathu nqo, kusasa ntambama, izinkonzo ziyaqala, lokho kuzokunika ithuba lokuya esontweni futhi ube nenkonzo yakho, bese-ke ubuyela lapha, sibe nezinkonzo zethu kusasa ntambama, bese-ke ubuyela enkonzweni yakho uqobo.

9 Izihambeli, lababelusi lapha emsamo impela bazonemukela, nangakulamabandla eFull Gospel. Uma uvakashile lapha, qiniseka ukuthola omunye wabo futhi uye—uye esontweni kusasa, ngoba leyo yindawo sonke esidinga ukuba kuyo, endlini kaNkulunkulu ngeSonto, ukukhonza iNkosi.

10 Manje, bese kuthi-ke kusasa ntambama, wena ozozela amakhadi omkhuleko, Ngingathanda ukumema, ikakhulukazi abelusi kusasa, ngoba ngifuna bangisize ngikhulekele abagulayo, ngifuna ukufakazisa kini ukuthi uNkulunkulu akawuphenduli nje umkhuleko womuntu *oyedwa*, Uphendula umkhuleko kanoma ubani ozokhuleka, futhi ngakho, ukuphuma futhi basisize.

11 Futhi sizobe sinikezela amakhadi omkhuleko cishe—cishe ngelesithathu nqo, noma mhlawumbe cishe ligamenxe elesibili, ikota kuze kube elesithathu, ukuze kuthi yonke i—i, asizukuphazamisana nayo yonke inkonzo. Nabafana bazobe benikezela ngamakhadi omkhuleko cishe ligamenxe elesibili, kusasa ntambama.

12 Manje, ngale emiBhalweni, uma besingaphenya imizuzwana embalwa futhi—futhi sizame uku . . . Kulokhu ukusa, ngikugejile futhi kulokhu ukusa, ngi—ngithe, "Impela, uma ligamenxe eleshumi, mina—mina ngi . . ." Ngithe, kuBilly, "Ngiqaphele ngiphume ngeleshumi nanye nqo. Ya," noma, "ngibheke nje, ngizosukuma lapho futhi nje ngisho amazwi ambalwa." Futhi ngathola ukukhuluma ngeNkosi, angiphumanga kwaze kwaba ligamenxe eleshumi nanye. Ngakho angikwazi neze ukuthola lowomlayezo wemizuzu engamashumi amathathu, ngakho-ke ngiqagele ngingahle nje ngiyeke bese ngivele ngiyeke ukuzama.

13 Ngakho, manje-ke, ngale kwabaseKorinte bokuQala esahlukweni 14, ivesi 8, sifunda lokhu:

> *Ngokuba uma icilongo likhala ngezwi elingaqondakaliyo, ngubani oyakuzilungiselela* ukulwa *na?*

14 Futhi manje, njengoba bebaningi kangaka abamile, ngizozama ukuba nje kafushane ngangokunokwenzeka. Futhi ngiyajabula ukuzwa lemibiko lapha mayelana, Mfowethu, omunye ubetshela uMfowethu David, ukuthi ikhulu ne*nto*

lemukela uMoya oNgcwele. O, he! Lokho akuyishisi yini inhliziyo yakho ukuba nje ubone abantu, kulamahora okugcina, engena eMbusweni kaNkulunkulu, emukela uMoya oNgcwele na?

15 NoMfowethu David, lapha, unenkonzo ukuthi ukhonzisa phakathi kwamaqembu obufundisi basesontweni, niyabo, leyo akusiyo iPentecostal. Futhi—futhi ngafunda ezinye zezindatshana ezivelele, ukuthi uNkulunkulu uhamba kanjani phandle lapho, engenisa abantu baKhe. Sibonga uNkulunkulu ngalezozinto, ngazo zonke lezizinkonzo ezinkulu, simuzwe ekhuluma ngo-Oral Roberts, noTommy Osborn; futhi labo bazalwane bayigugu ngempela futhi abantwana bakaNkulunkulu abathandekayo.

16 Futhi ngijabula kakhulu ukwazi ukuthi iNkosi uJesu ingivumele ngibe nengxenye encane enkonzweni yabo, ukuthi ukunikeza into ethize encane, ukuthi mhlawumbe ngale kwamanye amaZwe ngenkathi sihlala phansi, futhi ngibona onke amashumi ezinkulungwane zabo engena, ngithi, "NgiyaKubonga, Nkosi. Ngiyajabula ukuthi bengazi kangcono kunokwenza nje Ongitshele ukuba ngikwenze, futhi, ngakho, ukubabona bengena."

17 Manje, "Uma icilongo likhala ngezwi elingaqondakaliyo, ngubani oyakuzilungiselela ukulwa na?" Manje, leyo yinkulumo-mbiko ngempela: *IZwi ElingaQondakaliyo*.

18 Manje, uma ungaqinisekile, khona-ke ungeke waba nokukholwa. Uma kungekho kuqondakala, khona-ke ungeke waba nokukholwa, ngoba ukukholwa kuyinto *eqondakalayo*, uyakwazi. Yi—yi, ukukholwa kungukuqiniseka ngezinto ezithenjwayo, ubufakazi bezinto ezingabonwayo. Akusiyo inganekwane, akusikho nje ukucabangela, futhi akusilo ithemba, kodwa u*kukholwa*. Nokukholwa kuyinto, kuyinto uNkulunkulu akunike yona. Futhi khona-ke awukuboni, kodwa wena, nokho u—usukutholile impela nje, sengathi ubunakho ngqo ezandleni zakho. Nokukholwa yilokho okuthenga umkhiqizo owuthembayo.

19 Futhi manje, uPawulu ekhuluma lapha ngokuthi *IZwi ElingaQondakaliyo*. Ngithe ukukhetha lokhu, ngoba, okwenkonzo yakulobubusuku, ngoba siphila osukwini olunjalo lokungaqondakali. Kuningi kakhulu okungaqondakali namhlanje. Futhi si . . . Njengesizwe sakithi, ukuphepha kwezwe akuqondakali kakhulu.

20 Eminyakeni embalwa edlule, ngani, sathi azisayikubakhona izimpi, kodwa sithola ukuthi sisenazo izimpi. Futhi sizoba nazo kuze kufike uKristu futhi angamele umbuso, ngoba inqobo nje uma uSathane esabusa embusweni, siyoba nezimpi nezinkathazo. Kodwa ukungaqondakali kokuvikeleka kwesizwe, hhayi lesisizwe kuphela, kodwa zonke izizwe, ngoba

izizwe ezincane manje zingakwazi, nje zinezikhali ezifanayo izizwe ezinkulu esinazo. Futhi ba . . . Ukuphepha akuqondakali ngempela. Futhi asazi nje ukuthi *ini*, kukhona isiyaluyalu phakathi kwabantu.

21 Ngihamba ngijikeleza ngisuka esizweni ngiya esizweni, ngithola ukuthi wonke umuntu ubonakala enokwethuka. Namawodi engqondo ayagcwala, nabantu ba, ezansi nomgwaqo, kubonakala kunovalo lokukhathazeka okukhulu, futhi bajahe kakhulu ngakho konke abangakwenza, baze bangabi nakho ukuhlonipha ngisho, omunye komunye. Futhi ngikuqaphelile phakathi kwabo bonke abantu.

22 Lapha maduze nje, benginomhlangano endaweni ethize, lapho kwakukhona inkundla yokupaka, futhi ngaqaphela phakathi kwabantu bakithi bePentecostal, bedonsela izimoto zabo eceleni, *ngapha*, uma nje beyidonsa iqonde ngqo, bekuyonika omunye umuntu ithuba.

23 Futhi banokunye ukuthuka kwePentecostal, angazi noma nake nezwa ngakho noma qha, behla ngomgwaqo ebusuku, nendoda izofiphalisa amalambu ayo, indoda elandelayo angeke ngisho ifiphalise amalambu ayo (Qhubeka nje, ungakunaki, myekele ahambe.), futhi amphuphuthekise ngokudingekayo. Lokho ngukuthuka kwePentecostal, niyabo. "Myekeni, ubefanele . . ." Asifanele senze lokho, akunandaba ukuthi omunye umfo wenzani, asi—asikhombise ukuthi senziwe ngani. Uma . . . Asithole into ethize phansi phakathi *lapha* ukukhombisa uthando nezinhlonipho, futhi sihloniphe indoda elandelayo futhi—futhi siyithande, noma ngabe ilungile noma inephutha.

24 Uma nje ungathanda labo abakuthandayo, ngani, izoni zenza into efanayo. Kodwa thina sehlukile, lapho uKristu esengene enhliziyweni yethu sithanda labo abangasithandi; thanda ongathandeki. Futhi sasingathandeki ngesinye isikhathi, nathi, niyazi, noKristu wasithanda saze safika kuYe. Bese kuthike uma singabakaKristu noKristu ekithi, sinalowoMoya ofanayo wenhlanganyelo, nokubambisana, futhi sisiza ukuzama ukususa umthwalo omkhulu, futhi senze ukuphila kube lula kancane kumfo wakithi.

25 Manje, maduze nje bengikhathalele, ekufundeni iphepha, ngibhekisisa lokhu lapha umjaho wemicibisholo ejikijelwayo. Futhi ngicabanga ukuthi uMfowethu duPlessis usinike isifundo esihle kulokho kulokhu ukusa, mayelana nezwe lizama ukubeka umuntu emkhathini futhi libone ukuthi ubani ongakwenza kuqala. Sibe nendoda emkhathini iminyaka eyizinkulungwane ezimbili: uJesu Kristu. Kunjalo.

26 Kodwa iRashiya yacabanga ukuthi babengashaya uphondo ngolunye usuku ngenkathi bethola indoda, isukume ohlobweni oluthile lwensijana encane futhi ihambe izungeze

umhlaba ngehora noma amabili. Ngani, he, uJesu angavela eNkazimulweni eshesha kakhulu kunomcabango ongafinyelela lapho kuYe. Kukangako nje, kushesha kangako *lokhu*.

27 Niyazi, u-Einstein wafakazisa ukuthi uma amandla amabili eza ngokushesha ngokwenele, angadlulana ngqo futhi angalokothi—angalokothi ahluphane. Uma izimoto ezimbili beziza zehla ngomgwaqo, futhi zombili bezihamba ngejubane elesabekayo, ngokushesha kunomsindo, izigidigidikazi nje zamamayela ngomzuzwana, mhlawumbe zaziyodlulana ngqo ngaphandle kokulimazana nhlobo. Wakufakazisa lokho, ngamandla eshaya ndawonye.

28 Awu khona-ke, niyabo, singabantu ababoshelwe emhlabeni impela kuze kuthi cishe konke esicabanga ngakho nesingacabanga ngakho kungukuthi, o, thina, isikhathi nendawo futhi, kodwa lapho sishiya lelizwe, siya lapho okungekho khona isikhathi. Singacabanga ngamamayela angamashumi amahlanu ngehora, amamayela ayikhulu ngehora, amamayela ayizinkulungwane ezimbili ngehora, noma amamayela ayizinkulungwane eziyishumi ngehora, lokho akuqali ngisho lapho sicabanga ngePhakade, kushesha kangakanani!

29 UJesu, emva kokuba Esekhazimulisiwe, futhi wemukela umzimba waKhe okhazimulisiweyo, wavuka kwabafileyo, futhi wayenyukele Phezulu kuBaba, wabuya emizuzwaneni embalwa kamuva, futhi ngejubane elesabekayo, aze Angene ngqo phambi kwabafundi baKhe edabula udonga futhi akazange ngisho agudluze udonga, futhi nokho enomzimba owawungama lapho futhi udle inhlanzi nesinkwa. Lelo yi*jubane*, lidlula.

30 Futhi Angeza yonke indlela esuka eNkazimulweni eya enhliziyweni yakho, ngokukhulu ukushesha ongacabanga ngaYe. Ngokushesha njengoba ungavuma iphutha, Angaxosha udeveli aphume futhi azingenise Yena uqobo, ngokushesha nje njengoba ungaba nokukholwa okwenele ukukukholwa. I*jubane* elikanjani pho!

31 Kodwa kusobala, njengoba ngishilo, singabantu bobumba, futhi singakala kuphela ama intshi, amamayela, kanjalonjalo, njengoba nje, kwake kwacashunwa: Ukuba-ke ingane encane esizalweni sikanina ibingacabanga na? Futhi kuyokwenzeka ukuba uthi, "Awu," cabanga, "uyazi, bangitshela ukuthi yizinsuku ezimbalwa nje futhi ngizozalwa. Maye kimi! Bangitshela ukuthi ngaphandle lapho, kunendawo eningi kakhulu futhi kunelanga elikhanyayo, nabantu bayahambahamba. Ngizokutholaphi ukuziphilisa kwami na? Ngithola ukuziphilisa kwami ngaphakathi ngqo. Kuyoba yini ngami na? Maye kimi lapho ngizalwa!" Awu khona-ke, emva kokuba isizelwe ibingeke iphinde ifune ukubuyela emuva futhi.

32 Awu, yileyondlela esizama ngayo ukucabanga, futhi siphindaphinde lokho ngezigidi, sizama ukuqhathanisa izinto zaseZulwini nezinto zasemhlabeni, kukhulu kakhulu. Lapho ukufa kusishaya, futhi sishiya lelizwe elikhulu lapha, elibizwa ngezwe, ukuya kuleloZwe ngaleya, ngani, besingeke neze sifune ukubuyela kulendawo futhi, lelizwe lokonakala nobuhlungu benhliziyo.

33 Kwiphephandaba leBusiness Men, bashicilela i, ngizokubiza ngombono, nakuba ngi . . . akuzange kube njenganoma yimuphi umbono engake ngaba nawo; Ngibonile, iNkosi ibe nomusa kimi ukungivumela ngibone imibono selokhu kwathi angibe, ngaphansi cishe kweminyaka emibili ubudala. Bese kuthi-ke, ngi—ngibone imibono eminingi, kodwa akukho okunjengalokhu, ngoba ngangimi lapho ngibuka phansi kimina uqobo. Futhi ngabona labobantu, ngabaxhawula, futhi babenga*bantu* nje impela njengoba singa*bantu*, kuphela lalingekho izolo, lingekho ikusasa, futhi kwakungekho-bantu abadala, bonke babebasha. Futhi o, ngacabanga . . .

34 Ngangifuna njalo ukuphila ukuba ngibone uJesu efika, ngoba angizange ngifune ukuba ngu—ngumoya, futhi ngangesaba njalo izipoki, futhi nga—nga—ngangingafuni ukufa, futhi ngibe yifu elincane, futhi njengefu elincane elimhlophe lintanta ndawondawo, futhi ngibona abazalwane bami, ngithi, "*Nampo* la bekhona, ngifisa sengathi ngingabaxhawula, kodwa abanasandla sokuxhawula, ku—kufile, futhi—futhi basethuneni."

35 Futhi khona-ke wenziwa waphila lowomBhalo, "Uma lelidokodo lasemhlabeni lidilizwa, sinalo eselivele lilindile." O, phuma nje lapha ungene ngqo kulowo. O, ngiyanitshela, lokho kusinika amathemba amakhulu. Akunandaba ukuthi izwe licabangani, nokuthi izwe aliphephile kangakanani, lapho singacabanga ngalezozinto konke ukwesaba kuyasuka, bese-ke siba yizakhamizi zakithi zoMbuso, futhi sihloniphane. Futhi labo abangesizo izakhamizi zakithi, sifuna ukubashela baye kuleyondawo lapho benga . . . Akekho ofanele aze ayigeje leyoNdawo.

36 Ngiyindoda emaphakathi nendima yempilo, ngineminyaka engamashumi amahlanu-nambili ubudala, nginonkosikazi nengane ehlezi lapha kulobubusuku, insizwa, indodana yami lapha, amadodakazi amabili ekhaya, futhi uma bekungengenxa yokushumayela iVangeli nokukhulisa labobantwana ukubona ukuthi bakhula kahle, futhi ngenxa yeVangeli, bekungeke kungesabise nakancane ukuhamba khona manje, khona lapha ebukhoneni bakho. YiNdawo ekhazimulayo! Ngakho ngi—ngi . . . Kususe konke ukwesaba kimi, ukuthi ngake ngesaba ukufa, angisakwesabi; ngiyabonga ngalokho.

37 Manje, ngakho-ke ukuba-ke isizwe asinakho ukuphepha

kwaso na? Futhi uma-ke iRashiya iqathaza isiputniki, noma ibhomu, kumbe noma ngabe imicibisholo ejikijelwayo bayibiza kanjani na? Kwenza mehluko muni na? Awu, lokho nje yilada lokuya eKhaya lethu, nje u—ukuphunyuka okusheshayo kuyo yonke lento, ukuba siye eKhaya, ngoba sizohamba ngaphambi kokuba liqathake noma kanjani.

38 Ngakho, iBhayibheli, ngiyakholwa, lifundisa lokho. UJesu wathi, "Njengoba kwenzeka emihleni kaNowa, emihleni kaLoti." Ngezinsuku zikaNowa, ngaphambi kokuba ukwahlulela kushaye umhlaba, UNowa wayengaphakathi emkhunjini ngaphambi kokuba kuze kufafaze ngisho nemvula, impela. Wayephumile engozini. NeNgelosi yathi kuLoti, "Shesha uye lapha, ngoba ngingenze lutho uze uphume lapha." Niyabo? Babefanele baphume kuqala.

39 Futhi ngiyakholwa ukuthi icilongo likaNkulunkulu liyokhala ngokunye kwalokhu ukusa, abafile kuKristu bayovuka, thina esisekhona sisasele siyakuguqulwa ngesikhashana, ngokuphazima kweso, sihlwithwe kanye nabo ukuhlangabeza iNkosi emoyeni, bese kuthi-ke isijeziso esikhulu sababi siyoqala emhlabeni.

40 Futhi uma sazi ukuthi besingaqhunyiswa sibe yizicucu ngaphambi kokusa, nesayense ithi sekucishe kube ngumzuzu ngaphambi kwaphakathi nobusuku manje, kusondele kangakanani-ke ukuFika kweNkosi uJesu na? Kodwa kuzokwenzeka ngaphambi kokuba abanye bakwazi.

41 Ngakho akukho ukuvikeleka kwesizwe, ukwethuka, amadoda ezama ukusayina izivumelwano, futhi njengesigejane sabantwana, beqophisana futhi begwazana. Futhi besifanele siziqaphele lezozinto, ngoba kudingekile ukuthi siziqaphele.

42 Lapha ngolunye usuku, lezizinkomfa akade benazo, kwakukhona uMnu. Eisenhower no—noKhrushchev bahlangana phezulu lapha e-United States. U-Eisenhower waye, wayemele zonke izizwe zasentshonalanga, noKhrushchev wayemele zonke izizwe zasempumalanga. Futhi niqaphelile, kwakungekho lutho ababengalusho olwalungahambisana na? UKhrushchev wakhumula isicathulo sakhe futhi wasishaya phezu kwedeski nakho konke. Awu, anazi yini ukuthi lokho impela kugcwalisa okwashiwo ngumprofethi na? Niyazi ukuthi kusho ukuthini ukuthi *Khrushchev* eRashiya na? Kusho "ubumba." Niyazi ukuthi u-*Eisenhower* usho ukuthini ngesiNgisi na? "Insimbi." Insimbi nobumba, impumalanga nentshonalanga, lezozinzwane ezimbili ezinkulu zombono kaDaniyeli. Sesivele sisekupheleni, bangane.

43 O, sifanele sibe nalesiyaluyalu phakathi kwezizwe, "Isizwe siyakuvukela isizwe, umbuso uvukele umbuso, ukudideka kwesikhathi, usizi phakathi kwezizwe, ulwandle lubhonga." Ngani, i—izwe libonakala sengathi lisekuvithizekeni kwemizwa.

44 Enye into, imisebenzi yethu, imisebenzi yethu ayiqondakali kakhulu. Ngangikhuluma nensizwa, isanda kubuya empini, phandle ehholo, yabuya, yayingenamsebenzi. Futhi awazi usuku olulodwa kolulandelayo, noma ngabe umuntu othile uzo... ukhuphukela endaweni yabadala, futhi omunye ehle ukuze avimbele ukuba athathe umhlalaphansi, bathola okuthize okumelene nawe, futhi uphandle emgwaqeni, bese-ke usumdala kakhulu ukuba uthole umsebenzi. Sewedlule cishe emashumini amabili nanhlanu, wena, akusizi kangako ukufuna umsebenzi kulezizinsuku.

45 Ngakho, bavele nje, niyabo, kukhona...Ucabanga ukuthi umuntu uzokwenzani emva kokuba esenamashumi amathathu-nanhlanu, iminyaka engamashumi amane ubudala, uma engenandlela yokuziphilisa. Ngakho, bese kuthi-ke, uma usemsebenzini, cishe impela noma ngasiphi isikhathi bangavele bakushiyele into eyodwa encane futhi lokho kukuxoshe, futhi uyanqunywa-ke, ngakho-ke akukho-kuvikeleka emisebenzini. Yi...Siyakwazi lokho, akukho ukuqiniseka kwakho.

46 Akukho ukuqiniseka kokuthi izizwe zakithi zingaqhunyiswa ngasiphi isikhathi. EMiami, eFlorida, ngiyacabanga, kulomhlangano ozayo weChristian Business Men, kukhona indoda ezayo ezovela enhla eGreenland, ebibambe isandla sayo esigwedlweni maduze nje, ibiyothumela izwe ekubhujisweni. Futhi yayethuke kakhulu, yayingazi ukuthi yenzeni. Bane—ibhomu, noma umcibisholo othize ojikijelwayo esibukweni, futhi bacabanga, "IRashiya ilungiselela ukuwudubula," ngakho imicibisholo ibekwe ndawo zonke, kulele ngqo phezu kwesikhwama sempuqumpuqu ukuze yonke into ingaqhunyiswa noma nini.

47 Ngakho akukho kuphepha. Ayikho indlela yokusuka kukho, awukwazi ukumba wehle, lawomabhomu ayoqhumisa amafidi ayikhulu namashumi amahlanu emhlabathini, amamayela ayikhulu isikwele, cishe impela. Futhi yilokho esikwaziyo ngakho, yizini lezo esingazi ngazo na? Zonke izizwe zinezinto zazo eziyimfihlo ezizigodlayo, futhi nje siyamangala ukuthi yini esingazi ngakho.

48 Khona-ke bakhuluma ngakho konke lokhu ukubukisa, futhi beya ezindaweni, futhi—futhi bethola ndawondawo umpheme webhomu, bemba phansi emhlabathini, bezohambisa uhulumeni ngaphansi komunye umhubhe. Bekuyosiza ngani na? Awu, uma elinye lalawomabhomu beliyoshaya, futhi ubungaba ngamafidi angamakhulu ayishumi nanhlanu ngaphansi kwalo, bekungaphula onke amathambo emzimbeni wakho, ukungqubuzana bekungakwenza.

49 Ayikho indlela yokucasha phansi lapha, yinye kuphela indlela ofanele uyicabange ukuze ucashe, lokho ngukwe*nyuka*, uphume kukho, futhi yinye kuphela indlela eya phezulu.

O, ngiyamthanda uMuntu wethu osemkhathini, ngi—ngi—ngiyakuthanda, ngoba Wathi Uyosikhipha kuwo, siphume kulento. Yebo, mnumzane.

50 Akukho-kuphepha e—ezizweni. Wena uthi, "Ngizogijimela ku*lesi*sizwe esincane, *leso*sizwe esincane." Ngani, *konke* kuzoqhunyiswa. Futhi bayo. . . Akukho-kuphepha lapha esizweni. Akukho kuphepha emisebenzini yethu.

51 Futhi qaphelani kulolusuku, leyompilo yasekhaya isiphenduke isimo obekufanele kubhekwane naso. He, ubona abafana abancane bephuma futhi bethatha isibhamu esikhulu futhi bedubula ubaba nomama ngenkathi besalele embhedeni. Ukungathembeki phakathi kwabesifazane bethu nabesilisa, omama nobaba bethu. Emadolobheni amakhulu amaningi umyeni nonkosikazi baphatha okhiye abayimfihlo, noma okhiye abafanayo, njalo, badlulisele okhiye endlini yabo yokuhlala, ngamunye uyangena, adle ukudla ndawondawo, futhi omunye uphumile nomunye, nomunye uphume nomunye. He!

52 Abasenakuhlonipha, kungasekho zinhlonipho ekhaya. Amakhaya ngalezizinsuku, awanawo amakhaya emfashini endala, angahle, abaningi kakhulu abanawo, lapho iBhayibheli livuliwe khona nobaba efunda isahluko, futhi baguqa bazungeze itafula futhi bakhuleke. Abantu bayangena, bahlale phansi futhi badle. Nje, ngibonile, abantu beya etafuleni futhi nje baqale ukudlala, futhi—futhi betshikiza, bedla, bengaceli neze isibusiso.

53 Niyazi, lokho nje. . . Angiqondile ukwenza lokhu njengehlaya, ngifuna ukukusho okwephuzu. Ngaqaphela ngesinye isikhathi, kwakuphandle ngenkathi sisahlala epulazini, kwaku, kwakukhona ngaphansi, ingulube, ngaphansi kwesihlahla sama-apula, nalawoma apula laliwa futhi eyishaya ekhanda, futhi idla ama apula usuku lonke, futhi ayizange ibheke phezulu ukubona ukuthi ayevelaphi. Kunjalo. Awu, lokho akukho ezingulubeni kuphela, awuqondi ukuthi lokho kudla kuvelaphi, kungcono ubheke phezulu futhi ubonge uNkulunkulu ngakho, ngoba Waba nguYe Owakunikezayo.

54 Asisenakho ukuphepha kwekhaya. Thumela abantwana bakho esikoleni, babafundisani phandle lapho na? Izikhathi eziningi, izikhathi eziningi kakhulu, babafundisa ukuthi sivela ezinkawini, awu, asikukholwa lokho. Qhabo. Futhi uma umuntu engengaphezu kwesilwane khona-ke yidlani, niphuze, futhi nijabule. Yilokho okwenza inqwaba ubuhlongandlebe bentsha, yilokho okwenza ubugebengu obuningi kangaka benziwe, ngoba uma abantu engengaphezu kwesilwane, kumenza aziphathise okwesilwane.

55 Sifanele simtshele ukuthi uyindodana kaNkulunkulu, ozalelwe uMbuso kaNkulunkulu, futhi *u*ngumuntu othize. Lesi nje yinegethivu, isithombe, inegethivu, silindele ukuba

sithuthukiswe ngolunye usuku, nokufa yiyonanto kuphela engasithuthukisa. Lapho ufa kuwe uqobo, isithombe esisha siqala ngaphakathi, bese kuthi-ke lesosiDalwa esisha, uKristu Jesu, siqala ukuZibonakalisa. Futhi ngolunye lwalezizinsuku, Uyofika futhi anemukele phezulu kuYe uqobo, khona-ke yonke into izoguqulwa, bese kuthi-ke lesisithunzi esiyinegethivu siyoba ngokuyikho ngempela.

56 Sithola ukuthi ukuphepha kwekhaya akuqinisekile ngempela. Insizwa ingaphuma, izitholele unkosikazi, intombi, izithathele umyeni, ingahle iziphathise okomnumzane ohloniphekile nayo yonke into, kodwa ngempela yi—yithuba lokulithatha. Futhi sithola yonke into iqhubeka emakhaya, ndawo zonke, ihlakazeka. IMelika inezahlukaniso eziningi, ngiyacabanga, kunanoma yisiphi esinye isizwe emhlabeni, lapho esifanele sibe nempucuko khona, futhi njalo ngonyaka sithola ukuthi unyaka ngamunye abantu baqala ukwenza kakhudlwana babe ngabangaphucuzekile. Ungathini nje amadoda ayengabulala amadoda, nabesifazane, nabantwana abancane, futhi lowo o—o*phucuzekile*, kufanele kube yini na?

57 Ezikhathini zakudala, ngenkathi umbhedukazwe waliwa, ngenkathi, ngikholwa ukuthi kwakuyiwo, uStonewall Jackson, esiqongweni seNtaba iLookout, nomunye ujenene omkhulu phansi ekugcineni, babenezinganono zabo ziqeqeshiwe komunye nomunye, kwase kuthi-ke lapho i, eselungele ukudubula ngakusasa ekuseni, uJackson wayala ukuba baphume, wampongoloza ezansi ekugcineni kwegquma, wayesethi, "Bazalwane, lungelani, sizonidubula."

58 Futhi manje laphaya eJalimane nezindawo ezehlukene, lapho abafo abanjengoHitler, ekhipha lawomaJuda ampofu futhi, ngani, izimpawu zakho zisekhona, bawabulala ngamashumi ezinkulungwane, ngezigidi. Eyodwa, amadoda amabili, anesibopho, afanele ukuba aphucuzeke kakhulu, afundile. Bekungaba kuhle ukuba besingabazi o-ABC bethu futhi sazi uKristu, bese kuthi-ke, bekungeke kuveze into enjengaleyo.

59 Qhabo, ngempela akuphephile: izindaba zikazwelonke, imisebenzi, amakhaya. Futhi manje ngifuna ukukhuluma ngenye into enikeza umsindo ongaqondakali, esibeka ithemba elikhulu kakhulu kukho, senza ukuqophisana okukhulu ngakho, lokho yipolitiki.

60 Omakhelwane abadala bayaxabana, baqophisane futhi bakhathazeke, ngezombusazwe, omunye uyiDemokrati omunye uyiRiphablikeni. Futhi—futhi u. . .Ngani, bayaqophisana futhi balwe ngakho, futhi lapho bobabili abathintekayo ebole futhi engcolile ngakho konke. Kunjalo. Ngakho omunye angebize omunye ngonephutha ngoba bobabili banephutha. Kunjalo impela.

61 Kodwa ezombusazwe, eminyakeni ethile edlule, ngenkathi sasine. . .Kwaqala ukukhishwa ngentando yeningi, omunye wamakhosi aseNgilandi wathi, “Konke kungumkhumbi futhi akukho-hange.” Wathi, “Masinya bazobe bemile, osopolitiki, emabhokisini ensipho, befundisa.” Awu, kunjalo, kunjalo impela, kodwa akazange acabange ngeNdlu yakhe enhle yamaKhosi, ukuthi kwakuzokwenzekani kuyo, futhi, nabeZizwe.

62 Kodwa lapho uthola ukuthi zonke lezizinto zizofanele zifike ekupheleni. Ngiyakholelwa entandweni yeningi, kodwa ngikholwa ukuthi intando yeningi ifana nje njengoba yayinjalo eFransi, ngesikhathi sikaJoan of Arc. IFransi yayidinga umbhedukazwe, kunjalo, kodwa emva kokuba babenombhedukazwe, babedinga ukuvukela umbuso ukuze baqondise ezinye zezinto ababehlubuka ngazo. Futhi ngicabanga ukuthi intando yeningi ilungile kodwa emva kokuba intando yeningi isizuziwe, khona-ke sidinga ukuqondisa okuthile entandweni yeningi. Kunjalo.

63 Ngicabanga ukuthi iBandla liqinisile, kodwa emva kokuba iBandla selinqobile khona-ke sidinga ukuqondisa okuthile eBandleni. Kunjalo.

64 Ezombusazwe, maduze nje. . .Angisuye oweDemokrati noma umRiphablikeni, ngingumKristu. Ngakho a—angi. . . ngavotela iNdoda eyodwa, leyo kwakunguJesu Kristu, futhi Wakwemukela, futhi ngibophezelekile ukuzuza kulowo, ngakho-ke lowo—yilowo engimenzela ukhetho, ngolwaKhe.

65 Nomama wami wayeyiDemokrati, o, he, nobabayi wami wayengoweRiphablikeni kangako. Ngakho lapho i. . .sasinakho ekhaya. Futhi ngakho, omunye wayevota ngaso sonke isikhathi ukubulala ivoti lomunye. Qhabo, mnumzane, babengeke nje bavume.

66 Ngakho yileyondlela okungayo, niyabo, kufana nesigejane sezingane zidlala. Ngicabanga ukuthi bayoba bahle kunoma yiliphi iqembu, noma babe babi emaqenjini, kuncike nje kumuntu. Ngicabanga ukuthi yileyondlela okungayo ngeMethodisti, iBaptisti, noma iPresbyterian, noma iPentecostal, ngumuntu ngamunye osebandleni.

67 Uma uyiKatolika, futhi wethembele ebandleni eliKatolika ngensindiso, ulahlekile, futhi uma uyiPentecostal futhi uthembele ebandleni lePentecostal ngensindiso, ulahlekile. Kodwa uma uyiKatolika futhi—futhi unokukholwa kuJesu Kristu, futhi uthembele kuYe, usindisiwe ngokukholwa kwakho ngomusa, into efanayo nganoma yiliphi elinye ibandla, ngumuntu ngamunye. Yinqubo, njengoba ngishilo, elahle ubuzalwane, akusilo ibandla qobo lwalo.

68 Manje, ezombusazwe, ungeke wabeka ithemba kuzo. Sisanda kuba nokhetho olufakazisile ukuthi lungenye yezinto

ezigwegwile kakhulu ezake zashaya isizwe. Kunjalo. Kodwa benzani na? Babenomshini owawungenakurojwa, neFBI yakudalula futhi yakunikeza emaphepheni nakuyo yonke indawo, ukuthi imishini yayihleliwe, ukuthi njalo lapho bevotela uMnu. Nixon, babefanele bavotele uKennedy ngesikhathi esifanayo, neFBI yakudalula. Ngabe kukhona abakwenza ngakho na? Qhabo, mnumzane. Khona-ke kugwegwile. Kunjalo.

69 Manje, omunye uthe, "Uzodutshulwa ngolunye lwalezizinsuku ngokusho lokho." Lena yindawo engcono kunazo zonke engiyaziyo yokufa, futhi angazi imbangela engcono yokukufela.

70 Lesisizwe besifana kakhulu no-Israyeli. U-Israyeli wayengabantu owayesebugqilini. Naleloqembu elincane lama-Israyeli, elalisebugqilini, futhi babeyithanda inkululeko, futhi bafuna ukukhonza uNkulunkulu weqiniso nophilayo, UNkulunkulu wabakhulula emigodini yabo yobugqila futhi wabathatha wabangenisa e—ezweni abathenjiswa lona, futhi baxosha abahlali balelozwe, futhi balidla izwe futhi baba yisizwe esinamandla, babenamadoda anamandla.

71 Futhi lesisizwe senza into efanayo: Sasingabantu ababoshelwe phansi, kungekho-nkululeko yenkolo, futhi uNkulunkulu wathumela okhokho bethu kulesisizwe, saxosha abahlali futhi sengamela, futhi seyibe yisizwe esiholayo somhlaba.

72 No-Israyeli wayeyisizwe esiholayo sezwe ngezinsuku zakhe, ngoba babenamakhulu, amadoda amesabayo uNkulunkulu, amadoda anjengoDavide, njengoSolomoni, amadoda ahloniphekile, amadoda anobuqotho, amadoda ayemazi uNkulunkulu futhi amethemba uNkulunkulu. Kodwa ngolunye usuku, nakho kufika imbuka elakhethelwa esihlalweni sobukhosi, nalowo kwakungu-Ahabi, ikholwa elithiyeka emnceleni.

73 Lesisizwe sasaziwa umhlaba wonke njengesizwe esiholayo, ngoba sasinamadoda amesabayo uNkulunkulu emva kwaso: U-Abraham Lincoln, uGeorge Washington, amadoda anjalo athemba uNkulunkulu, futhi esaba uNkulunkulu. Kodwa njengoba nje u-Israyeli enza iphutha lakhe futhi wafaka u-Ahabi phakathi, senza into efanayo esikhathini esingeside esedlule.

74 Ngenkathi u-Ahabi engena, waganwa nguJezebeli, noJezebeli wayengumhedeni. Futhi kwakungesuye u-Ahabi, u-Ahabi wayengumfo okahle impela, wayefuna uku… waphenduka izikhathi eziningi, kodwa kwakungesuye u-Ahabi, kwakunguJezibele emva kwesihlalo sobukhosi, ngoba wayeshade naye, futhi wamlawula futhi waletha isono esizweni, nesono kubantu.

75 Nento efanayo yenzekile manje. Abanye benu abahle, abasekeli bokuqina beDemokrasi bangahle bangavumelani nalokho, kodwa ake nginitshele, nicabange kakhulu ngezombusazwe zenu esikhundleni seBhayibheli likaNkulunkulu, nikuvumele kungene ngqo, kwengamele. UNkulunkulu kuqala! Siyini lapha ngenkululeko yenkolo, *yani* na? Leyonqubo kaJezibele. UMongameli wethu manje ushade naleyonqubo kaJezibele. Kunjalo impela. Njengoba kwakunjalo nje ngaleyonkathi, kunjalo namanje. Akusuyena engi. . .Mnu., uMongameli, angimelene ngalutho naye, kodwa leyonqubo emva kwakho!

76 Nike naqaphela maduze nje mayelana nezikole na? Bazame ngokuhlakanipha kangakanani ukuwelisa lowo na? Impela. Lokho nje kungukuqala kwakho, linda nje, yebo, mnumzane, linda nje. Nixwayiswe kangcono kunalokho ngabashumayeli bakaMoya oNgcwele onixwayisile. Kodwa yini indaba na? Sathengisa ngobuzibulo bethu ngenxa yezombusazwe.

77 Nadlala ezombusazwe esontweni, kanjalonjalo, futhi manje-ke nenzani na? Ugxilise okwehange sonke isizwe futhi wathengisa ngobuzibulo bakho obaphiwa nguNkulunkulu kuyo impela into eniyilethele yona lapha, ukuba nikhululeke kuyo. Kunjalo impela. Amen. Bengingahlosile ukungena kulokho. Isikhathi sesihambile kakhulu manje, lokho kungokokugcwalisa isiprofetho, yingalesosizathu impela bengeke bakuqondise emva kokuba imishini isifakazelwe ukuthi igwegwile. Lokhu sekuleyithi kunoma ucabanga, kufanele nje kube njalo.

78 Manje, qhabo singeke. . .Lepolitiki inikeza izwi elingaqondakali. Awazi. . .Ungavota, futhi uvote, futhi uvote, futhi uvote, akwenzi mehluko, bakuphatha ngendlela abafuna ngayo. Ngakho kukhona ukungaqondakali kwezombusazwe.

79 Ebandleni kukhona ukungaqondakali. O, sinamakhulu amahlelo, ngalinye lithi, "Elethu liqinisile. Abalungile. Sinakho." Cishe izinhlangano ezingamakhulu ayisishiyagalolunye ezehlukene lapha e-United States, zingaba eziqinisile kanjani *zonke* na? Manje, kukhona izwi elingaqondakali lapho ndawondawo. Akuzwakali kahle.

80 Omunye uthi, "Woza ngapha futhi ujoyine ibandla lethu, futhi ushiye *leli* bese uza, ujoyine elethu." Olandelayo ujoyina elabo. . .Abantu baphatha incwadi besuka ebandleni beya ebandleni baze bayigugise, uguqula nje igama, lisuka kwiMethodisti, liye kwiBaptisti, liye kwiPresbyterian, liye kwiLuthela, liye kwiPentecostal, i-Oneness, iTwoness, iThreeness, nokuthi kungani ku. . .Bakithi! Awukukhohlwa ngani na? Faka igama lakho eNcwadini yokuPhila yeWundlu eZulwini, angeke usadingeka ukuba uyihambise. Kunjalo.

81 Ukungaqondakali, ibandla linikeza amazwi angaqondakali. AmaBaptisti ayenesiqubulo kungekudala, "Isigidi ngaphezulu

ngo '44." Sitholeni na? Unabanye abajoyini abayisigidi, impela.

82 Uma bonke abantu okule-United States abazisho ukuthi bangamaKristu esigabeni esithize, iKatolika noma iProtestane, bamabandla, ukuba bonke balabobantu babengamaKristu azelwe ngokusha, ngiyanitshela, lelizwe beliyokoma kakhulu, ugweva ubeyodingeka azilungise ukuze athole umswakama owenele ngaye ukuba aphimise. Kunjalo. Bekuyoba njalo, o, bekuyohluka! Kodwa namhlanje bathengisela labobantu iwiski bese-ke bebabophela ukuphuza. O Nkulunkulu, yiba nomusa! Ezombusazwe, ibandla, nayo yonke into ngempela iyizwi elingaqondakali, ukungaqondakali.

83 "Woza ujoyine, woza ufake igama lakho," akusiwo umqondo lowo. Woza futhi uzalwe, woza futhi ufe, woza futhi ubole kuwe uqobo nemicabango yakho uqobo futhi uvumele uKristu angene, futhi ube yisidalwa esisha; lowo ngumqondo.

84 Ukungaqondakali kwezwe, ukungaqondakali emisebenzini, ukungaqondakali ekhaya, amazwi angaqondakali kwezombusazwe, amazwi angaqondakali emabandleni. Awu, ngisho nokuphila qobo lwakho akuqondakali. Asazi ukuthi sizohamba nini, kodwa kunento eyodwa eqinisekile, siyazi ukuthi sifanele sihambe.

85 Njengoba isiqubulo esidala singukuthi, "Kunezinto ezimbili eziqinisekile, lokho yizintela nokufa." Futhi uzohlangana nakho kokubili, ngakho kungani ungakulungiseleli na? Kunjalo.

86 Ukungaqondakali kokuphila, ukungaqondakali kwebandla, okuningi okungaqondakali. Khona-ke wena uthi, "Mfowethu Branham, impela uyasikhipha ngengatsha. Ngabe kukhona okuqinisekileyo na?" Bengingama lapha futhi ngifunde uhlu lwezinto, lapha, lokho okungaqondakali. Isizwe asiqondakali, izwi elingaqondakali, ubani owaziyo ukuthi ufanele enzeni na? Imisebenzi, ezombusazwe aziqondakali, ibandla aliqondakali, impilo yasekhaya ayiqondakali. Yini eqondakalayo na? Ngabe ikhona into eqondakalayo na? Yebo, yinye iNto engizoniqinisekisa ukuthi iyaqondakala, lelo yiZwi likaNkulunkulu. Kunjalo.

87 KuMathewu isahluko 24 nevesi 35, uJesu wathi, "Kodlula amazulu nomhlaba, kodwa iZwi laMi alisoze lehluleka." Ngokuqiniseke impela nje njengoba uNkulunkulu esho noma yini, kuqinisekile *kanjalo* nje ukuthi kuzofezeka.

88 Ngaphambi kokuba kubekhona izwe, ngaphambi kokuba kubekhona, iminyaka eyizinkulungwane ezine ngaphambi kokuba uKristu aze azalwe, iBhayibheli lathi WayeyiWundlu likaNkulunkulu, elihlatshiwe selokhu kwasekelwa umhlaba. Ngokuba ngenkathi uhlelo lukaNkulunkulu ludwetshwa, futhi Wayazi ukuthi kwakuzokwenzekani, emqondweni waKhe omkhulu Wayazi ukuthi Wayezofanele abulale iNdodana yaKhe

uQobo ukusindisa izwe, futhi kwaxazululwa ngokushesha nje lapho uNkulunkulu esekukhulumile. Amen.

89 Lapho uNkulunkulu esho noma yini, iPhakade nje njengoba Enjalo; Ingehluleke, iZwi likaNkulunkulu. UJesu wathi, "Kodlula kokubili amaZulu nomhlaba, kodwa iZwi laMi alisoze lehluleka." O, impela Liqinisekile, akukho ukungaqondakali ngaLo.

90 Kungahle kukwenze uziphathe ngokuxakile lapho uLemukela, ungahle ungenzi njengoba wawuvame ukwenza, futhi leyo yinto eyodwa eqondakalayo, futhi. UPawulu wathi, "Impilo engiyiphilayo manje," ufanele ukuthi waphila uhlobo oluhlukile lokuphila kanye, futhi nokho wavuswa waba ngokholwayo, kodwa wayenohlobo olusha lokuPhila, "hhayi mina, kodwa uKristu ophila kimi." Niyabo, wayedlulile esuka kokunye ukuphila wangena koKunye. Futhi ngokuqinisekile nje njengoba wemukela iZwi likaNkulunkulu enhliziyweni yakho, khona-ke uyoba nokuPhila okuPhakade futhi uyoziphatha ngokuxakile, ubukeke uxakile, futhi wehluke kunalokho owawuyikho.

91 Ake sibuyele emuva nje imizuzwana embalwa manje, cishe imizuzu eyishumi, futhi sihlole abanye babo okwenzile, amadoda ezikhathini ezedlule, ophumule kuphela phezu kokuqondakalayo kokuzwakalisa kweZwi likaNkulunkulu.

92 UNowa, emuva le ekuqaleni, e. . .ngaphambi kokubhujiswa komhlaba ngamanzi, mhlawumbe umlimi phandle ensimini, kodwa ngoluny'usuku wahlangana noNkulunkulu. Futhi uNkulunkulu wamtshela ukuthi lalizokuna. UNowa wayeqiniseke impela nje njengoba lalizokuna njengoba—njengoba wayeqinisekile ukuthi wayenguNowa. Futhi wahambahamba elungisa umkhumbi wokusindisa abendlu yakhe, ngoba wayeqinisekile ukuthi lalizokuna.

93 Akunandaba ukuthi kwakubonakala kungesikho okwesayense kanjani, akunandaba ukuthi ingaki i*sayense* ebingamfakazela ukuthi akukho nelilodwa ichashaza lamanzi phezulu lapho, kwakungebekhona ukuma kwefu, kwakungeke kube khona *lokhu*, *lokho*, noma *okunye*, akunandaba ukuthi kwakubonakala kungokwesayense kanjani, wayeqinisekile ukuthi lalizokuna, futhi wenza amalungiselelo alo. Amen. Yileyo indlela, mfowethu, lapho uqinisekile, wenze amalungiselelo akho.

94 Uma uqinisekile, kulobubusuku, ukuthi awuphumi lapha ugula, uma uNkulunkulu ekwembulile kuwe, awuphumi, yenza amalungiselelo. Uma uthi, "Ngikhubazekile, a—a—angikwazi ukuhamba, kodwa ngiqinisekile enhliziyweni yami, uNkulunkulu ukhulume kimi esikhashaneni esedlule futhi wathi, 'Namhlanje ebusuku uzohamba uphume kulesisakhiwo,'" lungela nje, uyaphuma. Kunjalo. Qiniseka enhliziyweni

yakho. Lapho uNkulunkulu ekhuluma, kuyaqondakala, kuqondakala Phakade lapho uNkulunkulu ekhuluma, akukho-zwi elingaqondakali ngakho, nhlobo.

95 UMose, indoda eyayikhaliphile, ifunde kakhulu, isifundiswa esiphucuzekile, wayekwazi ngisho ukufundisa abaseGibhithe, wayeyindoda yezempi, siyatshelwa, wazi bonke ubuhlakani be—bezombutho wezempi, futhi wathola ukuthi wehluleka enkolweni yombutho wakhe wezempi, ngenkathi wayenayo yonke impi ka—kaFaro emva kwakhe, futhi wayezoba yindlalifa esihlalweni sobukhosi.

96 Kodwa ngoluny'usuku, emva kokuba wayekade egijima futhi ephandle ehlane iminyaka engamashumi amane, washada, wazinza, waba nonkosikazi nomntwana, ngolunye usuku kwingemuva logwadule, ikhehla, iminyaka engamashumi ayisishiyagalombili ubudala, enobuhwanqa obude, elusa izimvu, wathi shazi isihlahla esivuthayo, wama phambi kwalesosihlahla futhi wezwa uNkulunkulu ethi, "Impela, Ngizoba nawe, yehlela eGibhithe." NoMose wayeqinisekile ukuthi akukho lutho olwaluzomkhathaza. Wayazi ukuthi wayehla ukuyokhulula abantu, ngoba wayeqinisekile ukuthi uNkulunkulu wamtshela iqiniso, ngoba wayazi ukuthi kwakunguNkulunkulu, futhi wayazi ukuthi kwakuyicebo likaNkulunkulu neZwi likaNkulunkulu ukubakhulula.

97 Manje, ukuba uMose wayengaqiniseka kangako, ukuba ikhehla elilodwa lehle futhi likhiphe isizwe esizweni, besifanele siqiniseke kakhulu kangakanani lapho sifunda iZwi likaNkulunkulu futhi sibone ukuthi lezi, siphila kulesisikhathi esiphila kuso manje, besifanele siqiniseke kakhulu ngemvuselelo ezayo, besifanele siqiniseke kakhulu ngokuthululwa kukaMoya oNgcwele, besifanele siqiniseke kakhulu ngokuphulukiswa kwethu, uNkulunkulu washo njalo, lokho kuyakuxazulula.

98 UMose wayeqiniseke ngokuphelele ukuthi u-Israyeli wayezokhululwa, wayengazi ukuthi kanjani, wayengenalutho esandleni sakhe ngaphandle kwenduku endala, kodwa wayehla noma kanjani. Wayengazi ukuthi kwakuzokwenziwa kanjani, kodwa wayazi ukuthi uNkulunkulu wayekhulume naye futhi wayesendleleni yakhe, wayeyokwehlela lapho futhi adedele uNkulunkulu enze lokho Ayefuna ukukwenza emva kokuba esefike lapho. Ngakho yileyo indlela.

99 Wena uthi, "Mfowethu Branham, nginomdlavuza. Ngingaqiniseka kanjani na?" Vumela uNkulunkulu akhulume kuwe, yemukela iZwi. "Awu, udokotela uthe..." Ngiyazi indoda yenze konke ebingakwenzela khona, akungabazeki, kodwa uma uNkulunkulu ekhulume kuwe, qiniseka nje ukuthi nguNkulunkulu bese-ke uqhubekela phambili.

100 UNkulunkulu ukhuluma nawe, ubona uNkulunkulu, ubone amandla aKhe, ubone ukuvuka kwaKhe, ubone imisebenzi

yaKhe, nezibonakaliso zaKhe, futhi uyazi ukuthi Ulapha, khona-ke Memukele futhi wemukele iZwi laKhe. Uma ungakuzwa phansi le enhliziyweni yakho ukuthi kuyiqiniso, bese-ke uqhubeka nje ngqo, wenze amalungiselelo ngoba yonke into izoba kahle.

101 Leyontombazanyana, engikhulume ngayo lapha, ngobunye ubusuku, mhlawumbe inenekazi elincane lilapha kulobubusuku, nengane eyayinalolonyawo lulenga phezulu, eSiyoni, wayeqinisekile kakhulu ukuthi leyongane yayizohamba, wayitholela ipheya lezicathulo, niyabo, futhi wehla ukuba ikhulekelwe.

102 Khona-ke ngenkathi enqamula emsamo ukuba ayoyikhulekela, wabheka futhi ingane yazama unyawo lwayo, futhi kwakungengcono, ngakho wehlela kwaMama, futhi uMama wayazi ukuthi ngangiphandle ehhovisi, ngakho wathumela intombazane phandle lapho. Intombazane encane iyangena, ngase ngithi, "Bewungesilo yini inenekazi elikhulekelwe izolo ebusuku na?"

103 Wathi, "Yebo." Wathi, "Kodwa, uyazi, iNkosi ikhulume kimi, futhi yasho ukuba ngilethe ingane yami kuwe, futhi ngenkathi ubeka izandla zakho phezu kwengane yami, ibizohamba."

Ngathi, "Awu, khona-ke yilokho—yilokho kuphela okudingekayo. UNkulunkulu wakusho, lokho—lokho—yilokho kuphela ofanele ukwenze. Kukholwe nje."

Wathi, "Kodwa ingane ayihambi."

Ngathi, "Lokho akuhlangene ngalutho nakho. Uma uqinisekile, ungeke ubuze."

104 Ngakho sakhuleka sase sibeka izandla phezu kwengane, ngase ngithi, "Dadewethu, bengingama futhi ngikwenze usuku lonke manje, uma uqinisekile futhi ukukholwa ngempela, kuzokwenzeka, impela kuzoba ngaleyondlela."

105 Kwase kuthi-ke ngenkathi eqala ukuphuma, wayefuna ukungizwa ngisho enye into. Umfo omncane bandla, inenekazi elincane, ngiyethemba . . . Lingahle . . . Ngabe ulapha kulobubusuku, Dadewethu, waseZion, waba naleyongane lapha ngobunye ubusuku na? Ngabe usesakhiweni na? Phakamisa isandla sakho uma ukhona. Ngangi . . . Waye . . .

Abanye benu wayelapha ngobunye ubusuku ngenkathi elapha. Noma ubani olapha owayekhona, ngenkathi wayelapha ngobunye ubusuku na? Ya, si . . . Kulungile.

106 Manje, wayeqinisekile ukuthi iNkosi yayizoyiphulukisa leyongane, kodwa wayefuna mina ngisho okuthile ngakho. Awu, ngase ngivele ngibatshelile abazalwane lapho ukuthi ngibone ukuthi ingane yayikahle, kodwa nje wayefuna ukubona ukuthi wayezokwenzani ngakho.

107 Ngakho ngenkathi ephuma egumbini, ethi ukudumala kancane, ethi ukukhala, wabheka emuva, umyeni wakhe omncane waqhubeka waphuma, ngakho-ke ngenkathi ebheka emuva wathi, "Mfundisi Branham?"

Ngase ngithi, "Yebo, mem."

Wathi, "Ngabe kuyintando kaNkulunkulu yini ukuba ingane yami ibe yisishosha na?" Wayefuna nje ukuzwa ukuthi ngangizothini, wakukhipha ngqo.

Ngathi, "Qha, mem, akunjalo."

Wathi, "Ngiyabonga, mnumzane." Washo waphuma ngomnyango.

108 Futhi cishe iviki emva kwalokho, umlenze wengane encane uyehla, ngokwejwayelekile futhi isindile. Niyabo? Niyabo, bambelela kukho nje, ubambe *okuthize*, ubambelele kukho. Impela! Yebo, mnumzane.

109 UMose wayeqinisekile ukuthi uNkulunkulu wayezokhulula u-Israyeli.

110 U-Eliya, phezulu esiqongweni sentaba, ngezinsuku ukuthi ngenkathi ecabanga ukuthi wayesesele yedwa, uNkulunkulu wayemthathe wamkhuphulela lapho futhi wamondla ngamagwababa, futhi wamgcina ephila waze wakwazi ukugcwalisa isiprofetho sakhe, Wavele wamdonsa nje wamkhipha ensimini. Ezansi lapho ngezinsuku zika-Ahabi, bonke abafo bavuma, kodwa babenomfo omdala oyedwa ezansi lapho, owayengavumi, lowo kwakungu-Eliya, wayesalokhu etshela uJezebeli ukuthi kwakungalungile kuye ukuba enze kanjalo. Akunandaba ukuthi bonke abanye benzeni, wawathululela kubo ngqo ngamandla akhe onke.

111 Ngolunye usuku uNkulunkulu wathi, "Manje, waprofetha ngokwenele ngokumelene nabo, woza uphume ensimini, futhi Ngizovumela izahlulelo zesiprofetho sakho zehlele phezu kwabo." Ngakho u-Eliya wenyukela esiqongweni sentaba, phezulu lapho iminyaka emithathu nengxenye, noma, iminyaka emithathu, ngenkathi bonke sebethi abaququde ulimi lwabo ngenxa yobuhlungu, kodwa wayehlezi ngasemfudlaneni omncane, umthombo omncane, wayenesambulo sokomoya ngaso sonke isikhathi, amanzi okuphila ethululeka ekhuphuka. Bonke abanye. . .

112 Futhi lalela, mfowethu, dadewethu, ake ngikutshele, ngolunye lwalezizinsuku lapho uNkulunkulu ethola okwenele nje kwalokhu ngalapha, futhi Uyosusa konke okweqiniso ensimini futhi khona-ke wena uyofuna imvuselelo. Kuzofanele kufezeke, umprofethi wathi kuyobakhona isikhathi ngezinsuku zokugcina, lapho kungayikubakhona indlala yesinkwa namanzi kuphela, kodwa yokuzwa iZwi likaNkulunkulu. Nezinceku

zeqiniso zizosuswa, futhi kuyobakhona indlala ngezinsuku zokugcina, impela iyobakhona.

113 Manje, qaphelani, kodwa uNkulunkulu wamtshela ngaleyonkathi ngokuthi kungani Amkhiphela ebuthongweni basebusika bakhe phezulu lapho, Wathi, "Hamba, ubize u-Ahabi, futhi umenyusele esiqongweni sentaba." Kwase kuthi-ke ngenkathi u-Eliya wayeqiniseke kakhulu ukuthi lowo kwakunguNkulunkulu owamtshela ukuba enze lokho, waze wabiza abapristi abangamakhulu amane, futhi babeka phezulu inkunzi, futhi bakhuleka usuku lonke, no-Eliya wayehambahamba ehlekisa ngabo.

114 Wathi, "Animpongolozi ngani kakhudlwana, mhlawumbe uyalandelela, mhlawumbe ulele, noma akafuni ukuphazanyiswa, noma okuthize." Wathi, "Mbizeni kakhudlwana." Futhi nje bahlekisa ngaye, ngenkathi be...Ngani na? Ngoba wayeqinisekile. Wayazi ukuthi ayengekho amandla kulesosithombe, futhi wayeqinisekile ukuthi wayexhumana noNkulunkulu ophilayo.

115 Yingalesosizathu kulobubusuku, bazalwane, ngikusho ngothando nenhlonipho, ngiyazi ukuthi akukho-mvuselelo ebunhlanganweni, kodwa ngiyazi kukhona uNkulunkulu ophilayo Onemvuselelo, asibuyele kulokho. Ngiqinisekile ngakho, ngiqinisekile ngakho, ngiyazi ukuthi kuyiqiniso. UNkulunkulu akasoze akwenza lokho, akukho lapho abake bavuka khona futhi abasoze. Kodwa uNkulunkulu uzokhipha abantu kulabobantu ngenxa yeGama laKhe, Uzokwenza lokho.

116 Ngakho u-Eliya ngenkathi ebeka lokho, lawomadwala ayishumi nambili phezulu lapho, wayesebeka inkunzi wayeseyihlaba futhi ngayo impela nje indlela uNkulunkulu ayemtshele ukuba enze ngayo, wayeqinisekile nje ukuthi lowoMlilo wawuzokwehla njengoba wayeqinisekile ukuthi wayengu-Eliya.

117 Lutho, akukho-Mlilo phezulu lapho, futhi kwakungekho-manzi phezulu lapho, lalingazange line iminyaka emithathu nezinyanga eziyisithupha. Futhi waphumela lapho nje epholile futhi ethule, ngoba wayeqinisekile. Wayengadingeki ukuba athi, "Manje, bazalwane, ngizophuma futhi ngizame. Ngi—ngizobona..." Qhabo, qhabo. IPhimbo lalikhulume ku-Eliya, u-Eliya wayeqinisekile ukuthi KwakunguNkulunkulu. Amen. Lapho uqinisekile ukuthi nguNkulunkulu, kukhona okumele kwenzeke.

118 U-Eliya waphumela lapho wayesethi, "O Nkulunkulu ka-Abrahama, ka-Isaka, noka-Israyeli," niyaqaphela, akazange ambize ngegama lakhe lomkhohlisi, uJakobe, wambiza ngegama lakhe lenkosana, u-Israyeli, "Nkulunkulu ka-Abrahama, u-Isaka, no-Israyeli, makwazeke namuhla ukuthi Wena unguNkulunkulu nami ngingumprofethi waKho." Futhi

cishe ngalesosikhathi uMlilo uqala ukwehla. Kungani na? Wayeqinisekile ukuthi wawuzokwehla. Wathi, "Ngikwenze konke lokhu ngokuyala kwaKho."

119 Lapho uqinisekile nganoma yini! Kukhona iZwi elilodwa ongaqiniseka ngalo, futhi lelo yiPhimbo likaNkulunkulu. IZwi likaNkulunkulu liqinisekile.

120 UDavide, wayezame uNkulunkulu. Ngoluny'usuku ngenkathi elusa izimvu, ibhere liyangena lase lithatha enye yazo, wathatha indwayimane encane wayeseshaya ibhere walilahla phansi. Manje, niyazi idwala elincane endwayimaneni ngeke lishaye lilahle phansi ibhere. Manje-ke nakhu kungena ingonyama enolaka, yadumela i, omunye wabafo abancane futhi yaphuma yabaleka naye. UDavide wayilandela, ethemba iNkosi, futhi waphosa lelodwala futhi washaya ingonyama wayilahla phansi, wabulala ingonyama.

121 Khona-ke ngolunye usuku wayemi phezulu lapho futhi wabona umFilisti ongasokile esukuma ethi, "Izinsuku zezimangaliso selwedlule. Ayikho into enjengalento."

122 NoDavide omdadlana, mhlawumbe eqhothile emahlombe akhe, kanjalonjalo, wathi, "Niqonde ukusho ukuthi nizoma lapho futhi nivumele lowomFilisti ongasokile adelele izimpi zikaNkulunkulu ophilayo na?" Wathi, "Ngizohamba ngilwe naye."

123 Futhi he, ngenkathi yena, uSawulu ezama ukubeka iPh.D. yakhe—yakhe, kuye, ngani, ayimlingananga nhlobo. Wayengazi lutho ngokuthi asho kanjani ukuthi, "*Amen*," kunjalo nje, niyazi, kanjalonjalo. Futhi wathi, "Angazi lutho ngaleyonto, angazi lutho ngalokho, kodwa nginento ethize engiyethembile. Angazi ukuthi uNkulunkulu uzongenzelani nge Ph.D., kodwa ngiyazi ukuthi U—Ungenzele lokhu," futhi wathi, "uNkulunkulu Owangivumela ngibulale ingonyama ngalendwayimane, uNkulunkulu Owangivumela ngibulale ibhere ngalendwayimane, kakhulu kangakanani," amen, "Uyomnikela kakhulu kangakanani lowomFilisti ongasokile ezandleni zami!"

124 Madoda nabesifazane, bangane, niyamqonda yini uNkulunkulu waseZulwini owavusa uKristu Jesu kwabafileyo, Akafile kodwa Uyaphila na? Futhi uma Aligcina iZwi laKhe kuDavide, uma ALigcina ku-Eliya, uma ALigcina kuMose, uma ALigcina kubantwana bamaHeberu, uma ALigcina kuDaniyeli, UzoLigcina kuwe nami, uma siqinisekile ukuthi LinguNkulunkulu. Haleluya! He, ngizizwa ngikholwa khona manje. Yebo, mnumzane.

125 Ngazi ngalobobusuku. . .Omunye wathi, "Mfowethu Branham, awulesabi iphutha na?" Iphutha na? UNkulunkulu angalenza kanjani iphutha na? Impela. LeyoNgelosi yenyukela lapho ngalobobusuku futhi yathi Yayingithuma ukuba ngenze

lento ethize, mayelana nemibono, kanjalonjalo. Emhlabeni jikelele ngihambe nakho, nazo zonke izinhlobo zabantu nazo zonke izinhlobo zezindawo, futhi akukaze kwehluleke nakanye. Kungani na? Ngiqinisekile ukuthi kwakunguNkulunkulu. Kufika kuhambisana neZwi laKhe, kuhambisana noMoya waKhe, kuhambisana nemvelo yaKhe, futhi kusesikhathini impela eNzalweni ka-Abrahama.

126 Sengiyabona ukuthi kungani amabandla ngegama nje engeke akwemukele; kanjalo naleyoNgelosi eyehla futhi ishumayele kuLoti kanye nabo, Yahlala phezulu nabaKhethiweyo. Babenoyedwa ukuba ehlele lapho futhi ashumayele kuleloqembu ezansi lapho.

127 Futhi yingalesosizathu ukuthi ba—bangitshela, ngenkathi ngishiya ibandla lami elincane leBaptisti, wathi, "Uzoba ngumgingqiki ongcwele, uzozixubanisa nalabobagingqiki abangcwele."

128 Ngathi, "Angazi ukuthi bayini, kodwa uma—uma uNkulunkulu engithumela kubo, UnoMlayezo wabo." Kunjalo. Uma uNkulunkulu enikeza uMlayezo, ukhona ozowuzwa ndawondawo. Amen.

129 Yilokho uJohane akucabanga ngenkathi ephuma ehlane, ukuthi u-Eliya weTestamente eLisha, indoda emahhadlahhadla, wathi, "UNkulunkulu angamvusela u-Abrahama abantwana kulawamatshe." Wayeqinisekile ngoMlayezo wakhe, wayazi ukuthi wawuqinisile. Wayazi ukuthi wazalwa futhi wemukela uMoya oNgcwele esizalweni sikanina eGameni likaJesu Kristu.

130 Iminyaka eyisishiyagalolunye ubudala, wangena ehlane engenamfundo, wahlala phakathi lapho waze waba namashumi amathathu, waphuma engagqokile, nje isiqephu sesikhumba semvu ezisonge ngaso, futhi washumayela uMlayezo owanyakazisa izifunda ezizungezile. Amen. Ngani, wayeqinisekile!

131 Futhi lapho esebone lowoMoya oNgcwele njengokuKhanya, wehlela lapho namaphiko amabili kuWo, kwehlela phezu kukaJesu, wathi, "BengingaMazi, kodwa Lowo owakhuluma kimi ehlane futhi wathi, 'Oyakubona uMoya ehla, ahlale phezu kwakhe, NguYe oyobhaphathiza ngoMoya oNgcwele noMlilo.' Ngiqinisekile ngakho."

132 Ngenkathi ethola ukukhandleka kancane, njengoba sikhulume ngakho ngobunye ubusuku, uJesu wathi, "Hambani, nikhombise uJohane ukuthi kwenzekeni." Qiniseka. Qiniseka ukuthi ngumsindo oqondakalayo.

133 Manje, uSimeyoni, kwembulwa kuye, ngoMoya oNgcwele, ukuthi wayengezukubona ukufa, futhi nokho wayeyindoda endala ngempela, wayengezukubona ukufa aze abone uKristu weNkosi. Wayengenamahloni, wahambahamba etshela wonke umuntu, "Angizukufa, ngizobona ukufika kukaKristu."

134 Awu, ngiyabezwa bethi, "Umfo omdala bandla, uthe nje ukungaphatheki kancane. Usegugile manje, niyazi, futhi yena, ngikholwa ukuthi umqondo wakhe uthi ukuwohloka kancane, niyazi." Kukwenza wenze izinto futhi wenze sengathi awukaze wenze ngaphambili, lapho uqinisekile, lapho uqinisekile ngempela.

USimeyoni wathi, "Qhabo, angizukufa ngize ngibone uKristu eza."

135 "Manje," wathi, "cabangani, uDavide wayeMbhekile, uMose wayeMbhekile, futhi ezinkulungwaneni zeminyaka edlule babeMbhekile. Futhi manje silapha eRoma e cap-. . .Ngani, wayengake akubone kanjani ezweni na? Umfo omdala bandla, ungamnaki nje."

136 Lokho akuzange kumkhathaze, wahambahamba ethi, "Udumo, angizukufa ngize ngibone u—uKristu efika, ngizokubona." Ngolunye usuku ngenkathi esesemuva endlini yakhe yokutadishela phandle lapho, uJesu walethwa ethempelini ukuba asokwe, ukuhlanzwa kukaMariya, esongwe ngembeleko futhi—futhi wama, intombi encane.

137 Nabantu baqhela kuye ngoba Wayenegama elibi kwasekuqaleni, bathi Wazalwa ngaphandle komshado ongcwele. Futhi ngiyabona labo bazenzisi abazazisayo, niyazi, abakaze bahlanganise lutho nanoma yini enjalo, bagcina indawo yabo, emuva. Futhi, kodwa wayazi ukuthi Wayephetheni ngezingalo zakhe, wayazi ukuthi KwakuyiNdodana kaBani.

138 Futhi yileyondlela engisho ngayo namhlanje, ungabiza umKristu wangempela ozelwe ngokusha ngohlanya, noma umgingqiki ongcwele, kumbe noma yini ofuna ukuyibiza, uma azi ukuthi Lowo nguMoya oNgcwele, awusoze wamnyakazisa. Qhabo, mnumzane. Awusoze waba nankinga ngaye. Uyazi ukuthi kukhonani phakathi lapho, uyazi ukuthi Uvelaphi.

139 Njengoba bengihlala ngisho, yonke lenkolo ebhasteliwe abanayo kulezizinsuku, uma noma yini engiyizondayo, lento ebhasteliwe abakhuluma ngayo, okubhasteliwe *lokhu*. Futhi ngicabanga ukuthi isayense isifike endaweni aba—baye bayiphikisa impikiswano yabo uqobo.

140 Niyazi, bathi umuntu wavela enguqukweni yemvelo, evela nje enkawini futhi ekhuphuka, futhi ethola i, evela kunoshobishobi futhi eza, kodwa uGenesisi 1:26, kwathi, "Yonke imbewu mayiveze inhlobo yayo." Ngikholwa ukuthi uNkulunkulu wenza izinkawu. Yebo, mnumzane. Ngikholwa ukuthi uNkulunkulu wenza yonke into. Kodwa Wenza umuntu, futhi umuntu akazange ngokuvela enguqukweni yemvelo afike, izinkawu zibe ngumuntu. UNkulunkulu wenza izinyoni nazo zonke izinto ekuqaleni, futhi kuyakufakazisa.

141 Uma ubhastela noma yini bese uyixubanisa, ngeke yaphinde yazixubanisa yabuya futhi. Kunjalo, ifile. Qhubeka, uthi,

"Ummbila obhasteliwe, ummbila obhasteliwe, ummbila omuhle kangaka." Ngiyazi, kodwa awulungile, ungeke wawutshala, ngeke usabuya. Kunjalo, sekuphelile ngawo.

142 Thatha umnyuzi, umnyuzi, umnyuzi ungumfo omubi kunabo bonke okhona. Niyazi, a—a—awu—awusilo ihhashi, noma umnyuzi, futhi u—futhi—futhi—futhi ngempela awazi ngisho nokuthi uyini. Kunjalo. Nonina wayeyihhashi lensikazi noyise wayeyimbongolo, ngakho a—a—awazi ukuthi ungowakuphi. Futhi angeke uphinde uzizale wona futhi, umnyuzi ungeke waba nomnyuzi, lokho sekuphelile. Niyakwazi lokho.

143 Futhi yileyondlela nje ezinye zalezizinkolo eziyiyo namhlanje, inkolo yomnyuzi. Kunjalo. Ungakhuluma ngezinsuku zezimangaliso, uMoya oNgcwele, nayo yonke lento. Futhi senake nawubona umnyuzi omdala na? Awazi luthu, uvele nje umise amadlebe awo amakhulu amadala bese ukubuka nje. Awunabumnene futhi awunawo umuzwa womusa. Futhi ungeke wenza lutho ngawo, uyolinda yonke impilo yawo ukuba ukukhahlele, bese-ke ulinda uze ufe, bese kuthi-ke lapho usufa, uzokukhahlela.

Futhi uyoma lapho nalezozindlebe ezinkulu, uthi, "Woza, mfana. *Whewu*, *whewu*, *whewu*."

Uvele uthi, "*Wo*, *wo*!" Niyabo, awazi lutho, ubhasteliwe.

144 Yileyo indaba ngenye yalenkolo ebhasteliwe. Ungathi, "UJesu Kristu nguyena, izolo naphakade."

145 Bayampongoloza, "*Wo*, *wo*! Izinsuku zezimangaliso selwedlule, ayikho into enjalo." O, he! Akumangalisi iBhayibheli lathi bayofika njengensimu yeminyuzi ekhalayo. Kunjalo. O, kungukuthi, kunjalo, kubhasteliwe. Uzame ukwenzani na? Uxubanise abanye bezwe neBandla. Yilokho okwaqala ekuqaleni, ibandla elibhasteliwe. Asi . . . si . . .

146 Kodwa niyazi into eyodwa emnene, into eyodwa engiyithandayo ngelikahle, ihhashi lohlobo. O, he! Lelohhashi lohlobo lingakutshela ukuthi kwakungubani ubaba walo, wayengubani umama walo, ubani ubabamkhulu walo, ugogo, omkhulu, omkhulu, omkhulu, omkhulu, omkhulu, omkhulu, qhubeka ubuyele emuva, lingelohlobo. Yileyondlela engithanda ukubona ngayo umKristu wohlobo, amen, lowo owaziyo ukuthi ubani ubaba wawo nokuthi ungubani umama wawo.

Wena uthi, "Ingabe ungumKristu na?"

147 "NgiyiMethodisti." Awu, lokho ngukuvuma okuhle ukuthi awusuye umKristu. "NgiyiBaptisti." "NgiyiPresbyterian." "NgiyiPentecostal." Mfowethu, singamaKristu ngoba singowohlobo, sizalwa nguMoya oNgcwele. Ngiyazi ukuthi uBaba wami Ungubani. Amen.

148 UmKristu ungumKristu! UJesu wathi, "Okholwa yiMi, imisebenzi eNgiyenzayo, naye uyakuyenza, lezizibonakaliso

ziyakubalandela abakholwayo," umKristu wohlobo, lowo ogcwaliswe ngoMoya oNgcwele. Akukho-zwi elingaqondakali ngalokho. Qhabo, mnumzane. Kunjalo. Yileyondlela okwazwakala ngayo ngoSuku lwePhentekoste, ngakho kusalokhu kuzwakala kuyinto efanayo. Futhi ngowangempela, umsindo oqondakalayo. Kunjalo. Lelo ngelimnandi, izwi eliqondakalayo. Yebo.

149 USimeyoni, wayeqinisekile ukuthi wayezoMbona.

150 UJesu wayeqinisekile ngeZwi likaBaba. Ngani, impela. Ngenkathi uMariya enyukela lapho, futhi—futhi wathi, noma uMarta, njalo, wathi, "Nkosi, ukuba Ubukhona, umnewethu nga engafanga. Kodwa nakalokhu, noma yini Oyicela kuNkulunkulu, uNkulunkulu uyoyenza."

151 Futhi Wathi, "NgingukuVuka nokuPhila. Okholwa yiMi, noma efa, wophila. Ophila akholwe yiMi akasoze afa. Uyakholwa yilokhu na?"

Wathi, "Yebo, Nkosi, ngiyakholwa ukuthi UyiNdodana kaNkulunkulu, njengoba Uthi Uyiyo. Ngiyakholwa ukuthi UyilowoMesiya owayezoza ezweni."

Wathi, "Nimmbelephi na?"

152 Manje, Akazange athi, "Ngi—ngizokwehla futhi ngibone ukuthi yini engingayenza ngakho." O, qhabo. "Ngizohamba ngimvuse." Hhayi ukuthi, "Ngizohamba ngizame ukumvusa." "Ngizomvusa!" Amen. Lokho kuqinisekile. UJesu wathi Akenzanga lutho uBaba aze aMkhombise, lowo nguJohane oNgcwele 5:19, "Angenzi lutho ngize Ngibone uBaba ekwenza, aNgikhombise kuqala." NoBaba wayeMkhombisile ukuthi uLazaru wayezovuka kwabafileyo, ngakho-ke ngaphambi kokuba kushiwo noma yini, Wathi, "Ngizohamba ngimvuse." Hhayi ukuthi, "Ngibone ukuthi ngingakwazi yini."

153 Wathi, "Nginamandla okubeka ukuphila kwaMi phansi, nokukuthatha futhi." Akukho okungaqondakali ngalokho, akukho lutho olungaqondakali ngalokho. "Ngibulaleni, Dilizani lelitabernakele futhi Ngizolakha futhi ngezinsuku ezintathu." "Bhubhisani lokhu, Ngizokwenza!" "Ngizozama futhi ngibone ukuthi kwenzekani"? "Ngizokwenza!" Ngoba uDavide wathi, "Angiyikushiya umphefumulo waKhe esihogweni, angiyikuvuma ukuba Ongcwele waMi abone ukubola." Wayazi emahoreni angamashumi ayisikhombisa-nambili ukubola kuyangena, futhi phakathi ndawondawo, ngaphambi kokuba lawomahora angamashumi ayisikhombisa-nambili aphele, Umzimba kaJesu wawuzovuka kwabafileyo. Akukho okungaqondakali ngakho, Wethemba iZwi likaNkulunkulu ngokugcizelela. Amen. Yonke into Ayenza, Wethemba uNkulunkulu ngayo.

154 Manje, Wathi, "Okholwa yiMi, imisebenzi eNgiyenzayo, naye uyakuyenza." Akukho okungaqondakali ngalokho, Washo

ukuthi kwakuqondakala, "Uyakukwenza." Unika iBandla laKhe umyalo, wathi, "Hambani niye ezweni lonke, futhi nishumayele iVangeli. Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo, ngeGama laMi ba*yaku*khipha amademoni, ba*yaku*khuluma ngezilimi ezintsha. Uma bephatha izinyoka noma baphuze okubulalayo, akuyikubalimaza; uma bebeka izandla zabo phezu kwabagulayo, ba*yaku*sinda." Akukho lutho olungaqondakali ngalokho. Kunjalo.

155 UJesu wathi, "Ngezinsuku zokugcina," noma, uMoya wathi, iBhayibheli, lathi, "abantu bayoba ngabanamawala, abakhukhumele, abathanda injabulo kunokuthanda uNkulunkulu, abahlebi, abangazithibi, nabazonda abalungileyo, abakhapheli, abanamawala, abakhukhumele, benesimo sokumesaba uNkulunkulu futhi baphike amandla akho." Akukho okungaqondakali ngakho, sinabo. Amen.

156 UDaniyeli wathi abantu ababemazi uNkulunkulu wabo ngalolusuku bayokwenza imisebenzi. Akukho lutho olungaqondakali ngalokho, uNkulunkulu washo njalo, sinakho. Amen. Akukho lutho olungaqondakali ngakho.

O, omunye wathi, "Mfowethu, uMoya oNgcwele wawungowalokho, wabantu bePentecostal emuva lapho."

157 UPetru wathi ngoSuku lwePhentekoste, "Phendukani, yilowo nalowo, futhi nibhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu kukho ukuthethelelwa kwezono zenu, khona niyakwamukeliswa isiphiwo sikaMoya oNgcwele. Ngokuba isithembiso ngesenu, abantwana benu, nabo bonke abakude, bonke iNkosi uNkulunkulu wethu eyakubabiza." Akukho lutho olungaqondakali ngalokho, bayoKwemukela. Kunjalo, bayokwemukela. Bonke, abaningi iNkosi uNkulunkulu ebabizayo, ngani, Izobapha uMoya oNgcwele. Uma nje bezolandela iziyalo, yilokho kuphela abafanele bakwenze, akukho okungaqondakali ngakho, qhabo.

158 UJesu wathi, "Imisebenzi engiyenzayo Mina, nani niyakuyenza." Wathi, "Njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma, kuyakuba njalo nasemihleni yokufika kweNdodana yomuntu," ukuthi iNgelosi yeNkosi iyokwehla kanjani, futhi, phakathi kwabantu futhi ikhombise lezizibonakaliso nezimangaliso, izimangaliso zokuvuka kwaKhe. Kade ivela, phezulu ivela ethuneni iminyaka eyizinkulungwane ezimbili, izwe alikukholwa. Kodwa U . . . "Ngoba Uyaphila," Wathi, "singaphila nathi." Akukho lutho olungaqondakali ngakho.

159 Imisebenzi Ayenza, singayenza nathi, akukho okungaqondakali ngakho, zonke ezezithembiso zaKhe zingu, "Yebo," kithi. Siphila ezinsukwini zokugcina, sibona yonke into ngayo impela nje indlela Asho ngayo, ngakho akukho okungaqondakali. Ungakukholwa, ubeke ithemba lakho kukho.

160 UPaul Rader, abaningi benu bayamkhumbula, ovela eChicago lapha, indoda enkulu kaNkulunkulu, yafela lapha eminyakeni embalwa edlule. Bengihlala ngimthanda uPaul. Futhi ngamuzwa izikhathi ezimbalwa ngenkathi ngisengumfana. Ngase-ke ngihlala eTabernakele likaRediger lapho, ekamelweni lapho ayebhale khona leloculo, *Kholwa Kuphela*, ongiholele epulpiti ngezilimi ezehlukene ezingamakhulu, ngiqagele, emhlabeni wonke, *Kholwa Kuphela*. Futhi angazi noma uPaul wayazi yini ukuthi lowomfo omdadlana, ehlezi phandle lapho egqoke ama-ovaloli, wayethatha iculo futhi aliyise emhlabeni jikelele, leli ayelibhala.

161 Ngangihlezi lapho, nginomhlangano lapha esikhathini esithile esedlule, nalokho kungena ngemayikhrofoni, ngavele ngaguqa phansi futhi ngakhala izinyembezi, ngenxa yokuthi ngazi ukuthi wayeyindoda enkulu kaNkulunkulu.

162 Wayexoxa indaba ngesinye isikhathi encwadini yakhe, ngangiyifunda. Ngicabanga ukuthi uvela e-Oregon, futhi wayevamise ukuthwala izingodo, wayeyindoda enamandla. ULuke wayeyindoda enamandla kakhulu, umfowabo. Futhi ngakho, uPaul wathi yena, e, ngale phakathi, ngikholwa ukuthi kwakungelinye izwe langaphandle ayekulo, waye, wangenwa yimfiva yamanzi amnyama, noma okuthize, waye—wayefa.

163 Futhi watshela umkakhe othembekile ukuba ame eceleni kwakhe, ngoba abakwazanga ukuthola udokotela phakathi lapho, kwakusemuva kakhulu. Futhi kwakulokhu kuya ngokuba-mnyama ekamelweni, futhi wathi, "S'thandwa," wathi, "yima eceleni kwami, qhubeka nje ukhuleka, ulokhu ukhuleka." UPaul wayeyikholwa elikhulu ekuphulukiseni ngokukaNkulunkulu. Futhi ngakho, washumayela khona lapha kulelidolobha etabernakele ezansi lapha. Futhi ngakho, wayekholelwa kukho, wayenomkakhe ukuba aqhubeke nokukhuleka. Ngakho akunandaba ukuthi kwenzekani, qhubeka nje ukhuleka.

164 Wathi kwaya ngokuba-mnyama ngokuba-mnyama ekamelweni, futhi ekugcineni yonke into yaba mnyama. Futhi wathi wayephupha, wayecabanga ukuthi wayesebuyele e-Oregon futhi. Futhi waye. . . Ubasi wamtshela, ngekamu labagawula imithi lapho ayevame ukusebenza khona, wathi, "Paul, khuphukela egqumeni futhi ungiwisele umuthi othize, usayizi othize, futhi uwehlisele lapha."

165 Wathi, "Kulungile." Wathi wagijima wenyuka egqumeni, futhi wayezwa iphunga leshoba, namaphaphu akhe ephefumula edonsa umoya, niyazi, iphunga, ukuthi umuntu ohlala emahlathini angakujabulela kanjani kuphela. Wayesethi wawuwisa umuthi, wayesewuphundla, wahloma izembe kuwo, futhi wabamba umuthi futhi akakwazanga nje

ukuwuphakamisa. Wathi wahlanganisa amadolo akhe futhi wagobisa umhlane wakhe, ingxenye enamandla kunazo zonke yendoda isemhlane wayo nemisipha, wayephakamisa futhi aphakamise. Futhi wathi, ngani, wayengaphakamisa umuthi ophindwe kabili walowosayizi, kodwa ngandlela thize, wabambana nawo, futhi wabambana nawo, futhi wabambana nawo, futhi nje akakwazanga ukwenza lutho ngawo kalula.

166 Yileyondlela inqwaba yabantu eyenza ngayo, bavele nje, bathatha iZwi, futhi bazama ukuLihambisa *lapha* futhi baLenze *lapha*, noma baLenze *lapho*, futhi babambane naLo, futhi babambane naLo, baLithathe balidlulise emakholiji, futhi baLinqume phansi *lapha*, futhi benze igama lesiGreki ngaLo *lapha* negama lesiHeberu ngaLo *lapha*, nento yokuqala niyazi, kuba *kanjalo*, futhi hhayi iZwi likaNkulunkulu. Niyabo? Ubambana naLo nje futhi ubambane naLo.

167 Ledlulisele kuDkt., Ph.D. John Doe, futhi umbuze ukuthi ucabangani ngaLo. Nangale ku Ph.D. Sam Doe, futhi umbuze ukuthi ucabangani ngaLo, futhi wathi, "Ngani, ngukufunda ingqondo." Omunye wathi, "Ubuhlanya." Futhi into yokuqala, ubambana naLo nje futhi ubambane naLo.

"Awu, ngangisezansi emhlanganweni futhi—futhi ngobuqotho, ngiwubonile uMoya kaNkulunkulu wehla. Ngezwa omunye ekhuluma ngezilimi ezingaziwa."

"Ngudeveli."

"Yebo, futhi ngibezwile abantu bememeza."

"O, ngukuxhuxhuma."

168 "Futhi ngibone indoda isukuma emsamo, nangamandla okubona okufihlakele itshele abantu ukuthi babengobani, futhi phandle emihlanganweni, nokuthi yini eyayingalungile. Futhi ngendlela nje iBhayibheli elathi uJesu wakwenza ngayo, ukukhombisa isibonakaliso sikaMesiya."

"Awu, ngizohamba ngibuze umelusi wami."

Wathi, "A, kungukufunda umcabango." Niyabo? Ulokhu nje ubambana naLo futhi ubambana naLo. Yilokho kuphela. Awusoze wafika ndawo.

169 Ekugcineni, uPaul wathi wakhandleka, ngakho wahlala phansi, amandla akhe ayesephelile. Wavele nje wahlala phansi wancika emthini wayesencika, wathi, "Kwenzekeni emandleni ami na?" Kusobala leyo kwakuyimfiva kuye, yayenza lokho. Futhi wathi, "Ngi—ngisekupheleni nje."

Wathi emva kwesikhashana wezwa iPhimbo elimnandi ngempela, lathi, "Paul?"

Wathi, "Ngabe lowo ngubasi wami na?" Futhi wathi ngenkathi ephenduka, kwakunguBasi wakhe ekahle, wathi

akakaze abone ubuso obuhehayo kunabo bonke empilweni yakhe yonke.

Wathi, "Paul, ubambanela ini nawo na?" Wathi, "Uyawubona lowomfudlana wamanzi lapho na?"

Wathi, "Yebo."

170 Wathi, "Lowomfudlana wamanzi wehla ngqo uzungeze igquma lapha, futhi uphumela ngqo ekamu." Wathi, "Awuwuphonsi ngani nje emanzini, bese ugibela kuwo bese ugibela wehle na?"

"O," wathi, "Angizange ngicabange ngalokho."

171 Ngakho wavele nje wawuphosa emanzini, waqala ukugibela ehla phezu kokugeleza, ememeza ngephimbo lakhe lonke, "Ngiwugibele! Ngiwugibele!" Futhi wathi uyafika e, wayemi phandle maphakathi nephansi, edazuluka, lonke iphimbo lakhe, "Ngiwugibele! Ngiwugibele!" isithembiso sikaNkulunkulu.

172 Futhi kulobubusuku, mfowethu, akukho lutho olungaqondakali ngeZwi likaNkulunkulu, ngiLigibele. Lizongiletha eKamu ngolunye usuku. Angazi ukuthi kungaki ukugeleza engizodingeka ngiwele kukho, kodwa ngiwugibele. Amen. Makabongwe uNkulunkulu.

173 Sonke asikusho kanyekanye: "Ngikugibele! Ngikugibele!" Yisithembiso sikaNkulunkulu. Ngikugibele! Yizwi eliqondakalayo, ngumsindo kaNkulunkulu, yiPhimbo laKhe. "Kodlula amazulu nomhlaba, kepha iZwi laMi alisoze ledlula." Futhi ngigibele kuLo kulobubusuku. Wethembisa lezizinto ngezinsuku zokugcina, futhi ngikholwa ukuthi kulapha.

174 Mabakubize nganoma yini abafuna ukukubiza ngakho, angikhathali, lokho akunandaba kimi, ngiqinisekile ukuthi nguNkulunkulu. Amen. Futhi ngigibele kukho! Kade ngigibele kukho manje iminyaka engamashumi amathathu nanye, nokugibela kuya ngokuba mnandi ngaso sonke isikhathi, ngoba ngisondela esangweni. Amen. Ngisakugibele.

175 Lapho ukufa kugadla emzimbeni wami, ngiyogibela kukho, ngilokhu ngigibele nje. "NgingukuVuka nokuPhila," kusho uNkulunkulu, "okholwa yiMi, noma efile, wophila. Ophila akholwe yiMi akasoze afa." Ngikugibele, akukho okungaqondakali ngalokho, ngikugibele. Futhi YiZwi laKhe, futhi ngiyaLikholwa ngenhliziyo yami yonke. Nikukholwa ngendlela efanayo na? Konke okunye akuqondakali, kodwa lokho yizwi eliqondakalayo, "Okholwa yiMi, imisebenzi engiyenzayo Mina naye uyakuyenza."

Asikhothamise amakhanda ethu nje manje.

176 Kukhona zonke izinhlobo zamazwi angaqondakali: akuqondakali ukuthi lelidolobha lizobe limile ekuseni, angazi; akuqondakali ukuthi uyoke ufike ekhaya kulobubusuku, angazi; akuqondakali ukuthi ngiyoke ngibe seChicago futhi, angazi;

akuqondakali ukuthi siyoke sibonane futhi, angazi. Niyabo? Kodwa yinye iNto eqondakalayo, lelo yiZwi likaNkulunkulu.

177 Angazi ukuthi kanjani, isikhathi eside siyo . . . siyoba yisizwe isikhathi eside kangakanani, ukuthi kuyothatha isikhathi esingakanani ngaphambi kokuba siqhunyiswe sibe yizicucu, angazi, akuqondakali. Kodwa yinye iNto eqondakalayo, lelo yiZwi likaNkulunkulu. NgiLigibele, bangane, ngiyaLikholwa ngenhliziyo yami yonke, ngawo wonke umphefumulo wami. NgiLigibele.

178 Owethu waseZulwini . . .

[Umfowethu ukhuluma ngezilimi nomunye umfowethu uyahumusha—Umhl.]

179 O Nkosi, siKubonga kanjani ngalokho! Manje, Baba Nkulunkulu, lokhu, asizukuba nazaba zokuzwa manje, hhayi lokho kuphela, kodwa ukuzwa iziprofetho zaKho, ubezwe bekhuluma ngeziprofetho futhi bakubone kugcwaliseka, babone izithembiso zikaNkulunkulu, zokuvuka, ngokuvuselelwa, kokufika futhi, nesibonakaliso esikhulu sobuMesiya sikaJesu ovukile ukuba abonakale phambi kwabeZizwe, njengoba kwenza amaJuda namaSamariya, ngalolusuku lokugcina.

180 O Baba Nkulunkulu, siyaKubonga ngalokhu, ngiyaKubonga. Manje, lawomazwi Nkulunkulu, evela kuWe, kungukuthi impela, emva kokuba sengizame ukukuletha eBhayibhelini, futhi ngizwe Ukukhuluma ngeziphiwo zezilimi nokuhumusha, manje, sikhulekela ukuthi Uzovumela uJesu angene phakathi kwethu futhi aqinisekise lokhu ukuthi kuyiqiniso, ukuze wonke umuntu akwazi ukuba nenhlanhla yokwazi ukuthi uJesu ofanayo, owake waba nabantwana bakwa-Israyeli, eFwini, elalibizwa ngobuBaba, futhi wahlala phakathi komuntu ebuDodaneni, futhi manje uhlala kumuntu ngoMoya oNgcwele, Baba, mababone ukuthi imvelo efanayo kaNkulunkulu ihlala ifana, eyayikuJesu, kunjalo naseBandleni, futhi lenza imisebenzi efanayo lapha ngezinsuku zokugcina, lapho iBandla selifike esiphethweni salo.

181 Futhi manje isibonakaliso sobuMesiya sesikhathi sokuphela, imbubhiso isilungele, njengoba kwakunjalo kumaJuda ngalezozinsuku, babefanele bamphike lowoMesiya ukuze imbubhiso ifike. Futhi namhlanje izizwe ziyahleka, zihlekisa ngaWo, futhi ziWubiza ngawo onke amagama angahlanzekile. Futhi ngenkathi Wenza lokho, ngenkathi Ulapha, bathi, “KwakunguBelzabule, udeveli.” Futhi Wena wathi Uyobathethelela, kodwa ngoluny’usuku lapho uMoya oNgcwele efika, ukukhuluma izwi elilodwa elimelene naWo bekungeke kuthethelelwe.

182 Futhi manje, Baba, siyabona ukuthi izizwe zizilahlile zona uqobo, amazwi azo, esenzweni sazo. Amabandla, abaningi,

abantu abaningi ugxekile, futhi wasayina ukubhujiswa okungokwabo, ebiza uMoya kaNkulunkulu ngento engcolile.

183 Manje, leli ngelinye ithuba, kulobubusuku. Ngiyakhuleka, Baba, ukuthi Uzophulukisa wonke umuntu ogulayo lapha, usindise wonke ongasindisiwe, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

[Udade ukhuluma ngezilimi nomfowethu uyahumusha—Umhl.]

184 Amen. Makabongwe uNkulunkulu. Manje, ngokwalokho Wethembisa ukuba lapha. Bengingeke ngenze... Bengizokwenza nje ukubizela e-altare, kodwa ngiyakholwa manje, ngizwa ugcobo lukaMoya ngenye into.

185 Asiwakhiphi neze amakhadi omkhuleko namhlanje, niyaqaphela, ngakho asinawo amakhadi omkhuleko, kodwa sinoKristu. Bangaki ogulayo phandle lapho futhi ofuna ukuphulukiswa na? Phakamisani izandla zenu noma ngabe nikuphi. (Ngiyabonga, mgcini.) Manje, lapho...Uma ngishumayele amaqiniso afanele futhi ngenze into efanele, khona-ke uNkulunkulu ubophezelekile ukusekela engikushilo. Manje, bangaki kini phandle lapho owaziyo ukuthi anginazi, phakamisani izandla zenu, ukuthi anginazi. Yonke indawo.

186 Nina bantu bePentecostal, kufanele kube nzima kini ukungikholwa na? Bukani lapha, ngifuna ukunikhombisa into ethize lapha, ebhalwe kamuva nje. Ngangisekudleni kwasekuseni kweChristian Business Men eCalifornia, futhi ngisanda kuqeda nje ukushumayela intshumayelo engacabanga ukuthi ngahlakaza yonke inhlangano futhi ngayibeka izicucu. Nomfana oyiBaptisti ogama linguDanny Henry, uyenyuka ukuzongigaxa ukuba kukhulekwe, futhi waqala ukukhuluma ngezilimi ezingaziwa. Futhi kwakukhona inenekazi lihlezi phandle lapho elivela eLouisiana, inenekazi laseFransi, lathi, "Lokho akudingi kuhunyushwa," lathi, "lokho bekungesizo izilimi ezingaziwa, ukhulume isiFulentshi."

187 Enye indoda yathi, "IsiFrentshi." Futhi khona-ke kwenzeka ukuba behle, bakuhlanganisa ndawonye, sinakho lapha, futhi ngamunye wayenikeza incazo. Nomhumushi we U.N. wayelapho, futhi wasukuma, wathi, wehla. Umuntu washo lapha, akakaze ambone ngaphambili futhi akakaze kamuva, kodwa wayeyi, wabiza igama lakhe, ukuthi wayengubani, umhumushi we U.N., futhi wanikeza incazo. Nginakho kubhalwe lapha. Lalelani lapha, ningahle nicabange ukuthi ngilukhuni, bhekisisani lapha:

*Ngoba ukhethe indlela eyingcingo, indlela elukhuni kakhulu, uhambe ngokukhetha kwakho uqobo.*

Manje, ngiyakuqonda lokho. UMose wadingeka ahambe ngokuzikhethela kwakhe uqobo, wayengadingekile, kodwa yena—yena wenza isinqumo sakhe. Leso kwakuyisinqumo sami sokuhlala neZwi, kungakhathaleki ukuthi kwenzeni. Niyabo? Ngiyabona...

> *Wena ukwenze lokhu ngokukhetha kwakho uqobo. Ukhethe isinqumo esiyiso nesiqondile, futhi siYINDLELA YAMI.* (Makabongwe uNkulunkulu!) *Ngenxa yalesisinqumo esibaluleke kakhulu, ingxenye enkulu yeZulu ikulindile.*

Manje, lendoda ayizange yazi lutho ngalombono, ngoba ngibe nawo nje ezinsukwini ezimbalwa ngaphambi kwalokho, niyabo.

> *Yeka isinqumo esihle kakhulu osenzile! Lokhu, kukho uqobo, yilokho okuzonikeza, futhi kwenze kufezeke, ukunqoba okukhulu kakhulu ebuNkulunkulwini boThando.*

188 Lokho kwahunyushwa ngumhumushi we U.N., ngomfana oyiBaptisti oza ukuzongigaxa, futhi nje wenza ukuphawula, wathi, "Lowomlayezo ngempela wawunganezelwa eNcwadini yeSambulo." Niyabo? Umfana owayengazi—wayengangazi. Uyisihlobo esithize kwenye ingcweti yamabhayisikobho lapho. Futhi yena—yena wayengangazi, umfana oyiBaptisti, futhi u—ukhuphukela nje uku—ukuzongibonga, futhi wangigaxa ukuba kukhulekwe, futhi ngenkathi ekwenza, uMoya oNgcwele uqala ukukhuluma ngezilimi ngaye. Futhi lapha kwakunabantu behlezi phandle lapho njengoba nje kwakunjalo ePhentekoste. Kwaku—kwakululwimi abaluqonda, lolo kwakululwimi lwabo lomdabu, nalowomfana wayengazi nelilodwa igama le—lesiFulentshi. Niyabona ukuthi kunjani na? NguMoya oNgcwele. Amen.

189 Ulapha. Kulungile, khulekani manje. Nginitshelile eBhayibhelini ukuthi iNgelosi yafulathelisa umhlane waYo ezethamelini. Omunye kulezizigaba ngapha, omunye kulezigaba ngapha phakathi lapha, ukhulekela ukuba uNkulunkulu akwenzele okuthile, ubone nje ukuthi Usalokhu eyiNgelosi kaNkulunkulu efanayo yini, noma omunye umuntu noma yikuphi, noma ngabe kukuphi.

190 Ngizobheka ngakini bafowethu, ngifuna nikholwe, bazalwane. Lona nguKristu enimshumayele isikhathi eside kangako, lena yinto enayimela. Nina madoda, uma kukhona ukuhlonishwa okufanele kunikezwe, kukini nonke, beniphandle lapha, maPentecostal, nishumayela, phandle lapha ekhoneni lomgwaqo namathamborini neziginci, ngenkathi behleka, behlekisa ngawe, wawulungisa kuphela umgwaqo engingagijima kuwo ngokushelela. Ngingeza kanjani futhi ngibe yinoma yini enye ngaphandle komfowenu na? Waprofetha ukuthi lezizinto ziyofika, abaningi benu, nikuzwile emihlanganweni yenu. Futhi ngilapha nje ekugcwaliseni lokho enikushilo lokho iZwi likaNkulunkulu elikushoyo. Niyabo?

191 Manje, omunye uxhumana noNkulunkulu, emuva ngalendlela. Kukhona indoda ehlezi emva kwami, ndawondawo

emuva ngalendlela, iyakhuleka, inokuthile okungalungile ohlangothini lwayo. Inesimo sokwethuka esiyikhathazayo. (Ngabe ukhona ophakeme na? Akekho ophakeme na?) Ngibuka indoda khona lapha. Indoda ingumfundisi. IngumMennonite. Igama layo nguMnu., Mfundisi Miller. Sukuma, yemukela ukuphulukiswa kwakho. Ngiyisihambi kuwe, mnumzane. Angikwazi. O, yilokho okushiwo, ngabe lokho bekuyiqiniso na? Uma kuyiqiniso, ungaphinde ubuye ume futhi na? Kulungile.

Uyakholwa na? Manje, wathini uJesu na? Lezizinto ziyokwenzeka.

INgelosi efanayo kaNkulunkulu eyama ngaku-Abrahama yase ithi, "Uphi umkakho, uSara na?"

Wathi, "Usethendeni emva kwaKho."

Futhi Yathi, "Ngizokuvakashela ngokwesikhathi sokuphila."

192 Futhi uSara, njengoba nginitshelile ngeSonto eledlule, ukuthi ubudlelwano bomndeni babungasekho iminyaka, wathi, "Mina ngibe nenjabulo nenkosi yami futhi, phandle lapho, futhi yona isindala nami sengimdala na? Bekungeke." Futhi wahleka.

NeNgelosi yathi, "Uhlekeleni, ethi lezizinto bezingeke zenzeka na?"

Yena wathi kuyoba yinto efanayo esikhathini sokuphela. Unokukholwa, kholwa.

193 Lelonenekazi eliyikhaladi elihlezi khona emuva lapho, inkathazo yabesifazane, lihlezi ekugcineni kohlu. Yebo, mem. Ingabe unalo ikhadi lomkhuleko na? Awulidingi. Awunalo, awulidingi. Ingabe unayo inkathazo yabesifazane na? Ngabe kunjalo na? Phakamisa isandla sakho. Ubungakhuleki yini ngaleyonkathi, "Nkosi, makube yimi, kulobubusuku na?" Uma lokho kunjalo, vayizelisa isandla sakho *kanje*. Kulungile. Unesifiso sakho, hamba uye ekhaya, uJesu Kristu uyakusindisa.

Uma ukholwa! Yiba nokukholwa kuphela.

194 Lendoda ehlezi lapha, eyesibili kusukela ekugcineni, ingena lapho, khona lapha, uphendule ikhanda lakho futhi wabuka, izifo ezilakanyanayo nenkathazo yamaphaphu nokunye nokunye. Uyakholwa ukuthi uKristu uzokusindisa na?

195 Umfo omkhulu ekugcineni, indoda yesibili emuva, ingena. Uyakholwa ngakho konke okwakho...? Yebo, mnumzane, nguwe. Khona lapha, enye indoda khona lapha, mnumzane. Yima ngezinyawo zakho. Lena yindoda lapha ukuthi ukuKhanya sekuphelile. Kulungile, yemukela ukuphulukiswa kwakho. Hamba uye ekhaya futhi ukukholwe. Amen. Siyizihambi omunye komunye, angikwazi. A—angikwazi, siyizihambi omunye komunye. Kunjalo.

196 Lona wesifazane ohlezi eduze kwendoda esukume lapho, ufuna ukusinda kulesosifo sikashukela na? Futhi kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho ukuthi uNkulunkulu uzokusindisa na? Uma uzokwenza, sukuma, uthi, "Amen." Kulungile. Lowo nguYe.

Ungaba nakho ukuphulukiswa kwakho uma ukukholwa. Kodwa ufanele ukholwe, awunjalo na?

197 Lelinenekazi, ya, livayizelisa isandla salo, lihlezi emuva lapho ezethamelini, uyakholwa ukuthi ukuvuvuka kuzonqamuka, indodakazi yakho lapho enesithuthwane izonqamuka ukuba naso na? Nkk. Smallwood, ungaya ekhaya manje, futhi yonke into ilungile. Ungasindiswa, uma uzokholwa ngayo yonke inhliziyo yakho. Ngiyisihambi kuwe, angikwazi, angikaze ngikubone empilweni yami. Uma lokho kunjalo, phakamisani izandla zenu, nobabili. Phakamisani izandla zenu nje lapho. Kunjalo impela.

Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na? Kuthiwani ngabanye benu bantu abahlezi phansi lapha na? Yini oyi, ukholwa ngayo yonke inhliziyo yakho na? Khona-ke yiba nokukholwa.

198 Kuthiwani ngawe ohlezi lapha, lendoda eyikhaladi ehlezi lapha ingibuka. Unalo ikhadi lomkhuleko na? Qhabo. Awulidingi, unokukholwa, futhi yilokho kuphela okudingayo. Uyangikholwa ukuthi ngingumprofethi waKhe, noma, inceku yaKhe na? Uyakukholwa lokho ngenhliziyo yakho yonke na? Ngiyisihambi kuwe. Siyizizwe ezimbili ezehlukene zabantu, nokuhlangana kwethu kokuqala. Kodwa ubonakala unomuzwa omuhle emoyeni wakho, unokukholwa kohlobo oluthize. Lokho ngukukholwa okuhle komunye umuntu omkhulekelayo nokho. Kunjalo. Udadewenu, yena unomdlavuza. Ku—kunjalo, vayizelisa isandla sakho. Kulungile, kholwa futhi uzosinda.

Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na? "Uma ukholwa, konke kuyenzeka."

199 Nkk. Johnson, ufuna ukuya ekhaya futhi uphile nawe na? Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na? Jackson, njalo, bengiqonde ukusho. Uma uzokholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, hamba uye ekhaya, uphile futhi.

200 Kuthiwani ngalona wesifazane ohlezi lapha na? I. . . Uyakholwa nge. . .? Yebo. Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na? Uyangikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe na? Unenkathazo ngezinyawo zakho, inkathazo ngezandla zakho. Ukhulekela umntwana, isimo sengqondo. Uma uzokholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, ungaba nakho okucelayo. Uyakukholwa na? Ungakhali, bonga nje.

201 Bangaki kini abanye okholwayo na? Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na? Bangaki okholwa kuYe njengoMsindisi wakho manje na? Lelo akusilo izwi elingaqondakaliyo.

IBhayibheli lithi, Lelo yizwi eliqondakalayo, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela. Ngezinsuku zokugcina kuyokwenzeka."

202 Nina enifuna ukuMemukela njengoMsindisi, uma nilapha, sukumani nibe ngufakazi, uthi, "NgizoMemukela njengoMsindisi wami," ngenkathi useseBukhoneni baKhe. Ngenkathi ugcobo lukaMoya oNgcwele lusephezu kwabantu, ungaMemukela njengoMsindisi na? Sukuma ume ngezinyawo zakho, uma ulapha, ukhona oMfuna njengoMsindisi.

203 Bangaki lapha ongakamemukeli uMoya oNgcwele na? UNkulunkulu akubusise, Dadewethu. Omunye lapha, ongakawemukeli uMoya oNgcwele, yima ngezinyawo zakho, uthi, "NgizoMemukela, yebo, impela. Nginike uMoya oNgcwele kulobubusuku." Uyakukholwa na? Sukuma.

204 Ngani, Ulapha, NguMoya oNgcwele qobo lwaKhe. Qhubeka nje ume, qhubeka ume, ulokhu ume ngezinyawo zakho nje. Wonke lowo ofuna umbhaphathizo kaMoya oNgcwele ongakaWemukeli, kholwa ukuthi ungaKwemukela kulobubusuku, sukuma ume ngezinyawo zakho, uWemukele nje. Kuhle. Akukho-zwi elingaqondakali ngalokho manje.

205 Khumbulani, "Babusisiwe abalamba bomele ukulunga, ngokuba bayakusuthiswa," akukho okungaqondakali. Uyakholwa na? Khona-ke uzogcwaliswa. Uma ukukholwa kwakho kuqinisile, ufanele ugcwaliswe.

206 Bukani lapha, kungani ungakuletha . . . ? Bukani lapha lapho engifanele ngime khona. Ngifanele ngime lapha ngaphambili, o, yonke into, futhi kufanele kube *njalo*, amen, kufanele nje kube *njalo*.

207 Manje, bangaki kini ogulayo futhi ofuna ukuphulukiswa na? Yima ngezinyawo zakho, uyakholwa ukuthi uzophulukiswa, kulobubusuku. Uma ungakukholwa, ungasukumi. Kodwa uma ukukholwa, futhi uzwe u—uzwe umsindo othize ushaya inhliziyo yakho, "Leli yihora engizothola ukuphulukiswa kwami, lokhu kuzoba *yikho*, khona manje." Uma ukukholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, sukuma nje ume ngezinyawo zakho. Yilokho-ke. Nje—nje vumela uMoya oNgcwele usebenze phansi ngqo enhliziyweni yakho futhi wena uzothola ukuthi kukhona okwenzekayo.

208 Manje, nikholwa ngempela, enikumele, nizokuthola na? Khona-ke phakamisani izandla zenu bese nithi, "NgiyaKubonga, Nkosi Jesu. Manje ngemukela ukuphulukiswa kwami. Manje ngemukela umbhaphathizo kaMoya oNgcwele." Mnikeni udumo nje. Amen. Makabongwe uNkulunkulu. (*NgizoMdumisa*.)

209 Kunjalo. Hlala khona lapho. Unga—unga . . . Gcina izandla zakho nje . . . (Sengivele ngibakhulekele . . . ? . . . ) Akumangalisi na? Niyabuzwa uBukhona baKhe na? Ngifisa sengathi

beningama lapha, nibuke ukuthi ngibukani. (Lokho kubukeka kukuhle . . .?. . . ) Amen. Kulungile.

NgizoMdumisa, ngizoMdumisa,
Dumisani iWundlu ngokuhlatshelwa izoni;
Mnikeni udumo nonke nina bantu,
Ngokuba iGazi laKhe ligeze ibala ngalinye.

210 NiyaMthanda na? Uyakholwa ukuthi ukutholile ukuphulukiswa kwakho na? Thanini, "Amen. Manje ngiyakubiza. Ngikugibele. Ngikugibele. UNkulunkulu wakwethembisa, ngikugibele, ngiwakholwa onke amaZwi akho." Manje-ke asiphakamise izandla zethu futhi silicule futhi.

NgizoMdumisa, ngizoMdumisa,
Dumisani iWundlu ngokuhlatshelwa izoni;
O, Mnikeni udumo nonke nina bantu,
Ngokuba iGazi laKhe ligezile . . .

211 Angikholwa ukuthi beningacabanga ukuthi bengingaba ngumzenzisi, noma umqambimanga. Uma kuphela beninga phansi-. . . Kungcono ngi—ngingakusho. Kodwa lalelani lapha, bangane, njengogcobo nje, njenge, njengalokho—lokho kuKhanya engikubukayo, Kulenga nje nxazonke ndawo zonke. O, he! Kuyakhazimula! Uma nje uvula!

NgizoMdumisa, ngizoMdumisa,
Dumisani iWundlu ngokuhlatshelwa izoni;
Mnikeni udumo nonke nina bantu,
Ngokuba iGazi laKhe ligezile . . .

UNkulunkulu anibusise.

